# Okuqukethwe

1. **UJesu, Isinkwa Sokuphila……….……………………………………………….5**
2. **Ubunzima E-Galile………………………..……..............................10**
3. **UJesu Esemkhosini wamaDokodo…..……………………………….15**
4. **Akuzange Kukhulum Umuntu Njengalo-Muntu…...................20**
5. **“Nami Angikulahli”…….…………………………..........................25**
6. **UJesu, Ukukhanya Kwezwe...................................................31**
7. **Ukukhanya Kwenqatshiwe-noma Kukhazimuliswa…………......36**
8. **UJesu Kanye noAbrahama……...............................................41**
9. **UJesu Nendoda Eyimpumputhe……………….……………….…...46**
10. **Ukumelana Nobumpumputhe Besimoya……….....................52**
11. **UJesu, Umalusi Omuhle……..................................................57**
12. **UJesu noLazaru………………….……..........................................62**
13. **Ukuvuka Nokuphila……………….............................................67**

**Contacts: Telephone & Fax +27 011 838 0265,**

**Website: www.sdarmsa.org.za ,**

**Email: admin@sdarmsa.org.za**

**POSTMASTER: P. O. Box 7950, Johannesburg, 2000**

# Isingeniso

"Umbhalo ngokuya ngevangeli likaJohane ibhalwe kamuva kunezinye izincwadi ezintathu zevangeli (ezibizwa ngokuthi Ivangeli le-Synoptic), kodwa namanje kungakapheli ikhulu leminyaka. Ngekhulu leshumi nesishiyagalolunye, abahloli beBhayibheli bazama ukwenqaba ukuthi labhalwa ngaphambi kuka A.D. 150, ngalokho babezama ukuchitha umcijo wokuthi umpostoli uJohane wayengumbhali wayo. Abahloli baphinde bathi yayibonisa ifilosofi yama-Gnostic futhi ngenxa yalokho yayingenakubhalwa ngaphambi kokuba ubu-Gnostic busongelwe kakhulu kwezenkolo. (I-Gnosticism beyiwuhlelo lwesilosofi nenkolo yohlelo lokuqala eyayithi ukwazi ngaphezu kokukholwa kwakuyisihluthulelo sensindiso.) Icala elinjalo elihlanekezelwe kade laphikiswa kudala.

Ngokuphambene, ubufakazi bangaphandle bafakazela ukubakhona kwevangeli lesine kanye nokuhlonishwa okukhulu okuvele kuphethwe ngalo ekuqaleni kuka A.D. 115. Obunye ubufakazi bavela ngokutholakala kwesiqephu esincane se-papyus, esinamavesi ambalwa kaJohane (isahluko 16, amavesi u-31-33, 37, 38) beyaziwa ngokuthi i-P52, eyabhalwa cishe ngo A.D. 125. Lolu cezwana, olwatholakala eGibhithe ekuqaleni kwekhulu lesibili leminyaka, lubhekwa njengobufakazi obuphathekayo ekusakazweni kokuqala nokusabalaliswa kwevangeli lesine. Isazi esidumile seTestamende Elisha u-Adolph Deissmann siyaqinisekisa:

"Inqwaba yemibono ephathelene nokuvela kamuva kweVangeli ngokukaJohane izobuna ngokushesha njengezitshalo ezisheshayo zasendlini. Sinawo kuma-papyrus aseRylands, ubufakazi obuthile bombhalo wokuthi ivangeli ngokukaJohane alizange libekhona kuphela enxenyeni yokuqala yekhulu lesibili, kodwa ukuthi amakhophi alo ayefinyelele kudala eGibhithe. Ngakho-ke umsuka weVangeli uzobuyiselwa esikhathini sangaphambili impela."-*Deutsche Allgemeine Zeitung,* Zibandlela 3, 1935.

Ukubhala kukaJohane akuzange nje kufeze injongo ethile phakathi kwamaKristu okuqala. Kuthe kwaletha isiqondiso sesimoya, usizo, nesikhuthazo kubalandeli bakaKristu, ngaphansi kwezimo ezihlukahlukene kakhulu, ukudlula ezikhathini ezidlule.

"INkosi, "inokukhanya okusha kithi, futhi nokho ukukhanya okudala okuyigugu okuzokhanya eZwini leqiniso. Sinokubenyezela kuphela kwemisebe yokukhanya okuzayo kithi. Asikusebenzisi ngokugcwele ukukhanya iNkosi esinikeze kona, ngakho-ke siyehluleka ukwamukela ukukhanya okwengeziwe; asihambi ekukhanyeni okukekwe phezu kwethu.

"Sizibiza ngokuthi singabantu abagcina-umthetho, kodwa asiqondi ububanzi obukhulu bezimiso ezifinyelela kude zomthetho kaNkulunkulu; asizwisisi isimilo sawo esingcwele. Abaningi abazishoyo ukuthi bangothishela beqiniso, abanawo umcabango wokuthi benzani uma befundisa umthetho kaNkulunkulu, ngoba abanalo ulwazi oluphilayo ngeNkosi uJesu Kristu."-*Selected Messages,* bk. 1, pp. 401, 402.

"Sengathi ukuqhubeka nokufunda ngaleVangeli kungasisiza ukuthi simazi kangcono uJesu!

*Igatsha leSikolo seSabatha kwiGeneral Conference*

# Umnikelo weSabatha Lokuqala
## ISabatha, Mbasa 5, 2025

**Owokwakhiwa kwebandla kabusha,**
**Endaweni yaseProkhorovka, eRussia**

"IRussia ngokwendawo, iyizwe elikhulu kunawo wonke emhlabeni, lihlanganisa 6, 612, 073.2 ngama square miles (17, 125, 191 km2) nangenani labantu abangu 147, 000,000. Abantu abavela kumazwe adlula 180 abakhile kuleyondawo enkulukazi, futhi ngokwehlukahlukana kwabo, bafakazela izinkolelo zezenkolo ezihlukile. Egqame kakhulu iRussian Othrodox (41.1%), ilandelwe yinkolo yamaKrestu (6.3%), Islam (6.5%), Neopagans and Tengrists (1.2%), Bhuddhism (1.2%), abanye abakholwa (25.2%), abangakholelwa ebukhoneni bukaNkulunkulu (13%), abaseleyo abafakazeli noma ngeyiphi inkolo.

Kusukela ekuqaleni kweSDARM, isigijimi sevangeli eliphakade safinyelela kulendawo ngaphansi kwezimo ezinzima kakhulu. Abakholwayo abaningi badlula ekushushisweni okukhulu-abanye abafakaza ngoMsindisi owabethelwa wabuye wavuka banikela ngokuphila kwabo.

"Ekupheleni konyaka ka1990, umshumayeli wevangeli nonkosikazi wakhe beza kwisifunda saseRussia ngenhloso yokuqhubela phambili umsebenzi wokuhambisa ivangeli. Ngomphumela wemizamo yabo nemikhueko, ixuku labakholwayo lahlelwa. Kodwa babengenayo indawo yokuhlanganyela neyokukhonzela. Ekugcineni, ngonyaka ka2006 bathola indlu encane yomhlaba endaweni yaseProkhorovska, isikhungo sokuphatha sasemadolobheni esifundeni saseProkhorovsky esifundeni saseBelgorod kwindawo yezolimo ezikhiqiza okusanhlamvana, ubhontshisi onoshukela, ubhekilanga, nezithelo eduze komfula iPsyol eseningizimu-mpumalanga nedolobha laseKursk, okuyikhaya lensimbi eningi.

"Sibonile ngokukhanya isandla sikaNkulunkulu emsebenzini lapho ngokumangalisayo esusa izihibe eziningi wabusisa nendlu ethengiweyo. Umsebenzi kulesifunda uthe waqhubeka ukukhula, futhi akubanga isikhathi eside lendlu yaba yincane kakhulu ukuba bonke abakholwayo bakaNkulunkulu bathole izihlalo. Iminyaka embalwa edlule, sathola imvumo kwiziphathi mandla saqala ukwakha indlu yokukhonzela. Abazalwane bathe banikela futhi basebenza kanzima, kodwa ukuphelelisa lomsebenzi sidinga usizo lokuzidela kwabantu emhlabeni wonke abathanda iNkosi. Ukupheleliswa kwalomsebenzi kuzonikeza ithuba lokuqhubekisela phambili umsebenzi wevangeli kwizifunda ezingomakhelwane, njengesikhonkwane sokukhanya sokumemezela isigijimi sokugcina sensindiso. Kwangathi iNkosi ingabusisa umuntu ngamunye onhliziyo yakhe ilungele ukusiza impumelelo yeqiniso lanamuhla kulesifunda somhlaba!

*Abazalwane benu nodade abavela ebandleni laseProkhorovka neRussian Union.*

**ISABATHA, MBASA 5, 2025** **ISIFUNDO 1**

# UJesu, Isinkwa Sokuphila

**IVESI LEKHANDA: "UJesu wathi kubo: Mina ngiyisinkwa sokuphila; ozayo kimi kasoze alamba, nokholwa yimi kasoze oma" (Johane 6:35).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Thoughts from the Mount of Blessing,* pp. 18-21.

"Sidla inyama kaKristu….uma ngokukholwa sibambelela Kuye njengoMsindisi wethu."-*SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 5, p. 1135.

## 1. INTSHISEKO ENOKUZIMISELA NgeSonto, Ndasa 30

**a. Emva kwesimangaliso sezinkwa, abantu abaningi baba nokukholwa okungakanani-na? Johane 6:14. Kuyini abazimisela ukukwenza-na? Johane 6:15 (isigaba sokuqala).**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"Usuku lonke ukukholelwa Kuye kwaqina. Lesenzo sokumthweswa umqhele bekuyisiqiniseko sokuthi uMkhululi obekade-elindelwe isikhathi eside uphakathi kwabo. Amathemba abantu aphakama kakhulu. Lona Nguye ozokwenza iJuduya libe yiparadesi lasemhlabeni, ilizwe elichichima ubisi nezinyosi. Uzokwenelisa zonke izifiso. Uzophula amandla amaRoma anenzodo. Uzokhulula iJudiya neJerusalema. Uzophilisa amasotsha alimele empini. Uzopha wonke amabutho ngokudla. Uzonqoba izizwe, futhi anikeze uIsrayeli ukubusa osekukade kufunwa.

"Ngokushisekela kwabo abantu babekulungele ngalesosikhathi ukumbeka umqhele njengeNkosi. Babona ukuthi akenzimzamo wokudonsela ukunaka noma agcine udumo Kuyena. Kulokhu wayehlukile kubampristi nababusi, futhi babesaba ukuthi aNgeke acindezele ngamandla ukuthatha isihlalo sobukhosi sikaDavide. Bekhulumisana bebodwa, bavumelana ukuba bambambe ngamandla futhi bammemezele njengeNkosi yakwa–Israyeli. Abafundi bahlangana nesixuku ekumemezeleni isihlalo sobukhosi sikaDavide njengomnikazi ofanelekile wefa oyiNkosi Yabo. Kwakungenxa yesizotha sikaKristu, besho, okuyimbangela yokwenqaba Kwakhe inhlonipho enjalo. Vumela abantu baphakamise uMhlengi wabo. Vumela abapristi nababusi abazikhukhumezayo baphoqelelwe ukudumisa Lowo oweza embathiswe ngegunya likaNkulunkulu."-*The Desire of Ages*, pp. 377, 378.

## 2. UKUTHOBISA INTSHISEKO ENGALUNGILE — NgoMsombuluko, Ndasa 31

**a. Kuyini okwenziwa nguJesu ukuvimbela isixuku nabafundi ukuphumelelisa amacebo abo okumbeka esihlalweni sobukhosi sasemhlabeni-na? Johane 6:15.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"[Abafundi nesixuku] ngokuqabatheka bahlela ukuphumelelisa inhloso yabo; kodwa uJesu obona okungaphansi, futhi uyakuqonda, njengoba bengakwazi, okuzoba ngumphumela womnyakazo onjalo. Ngisho namanje abapristi nababusi babesafuna ukuphila Kwakhe. Bambeka icala lokuthi udonsela abantu ukuba basuke kubo. Isidlozane nokuvukela umbuso kuzolandela umzamo wokuMbeka esihlalweni sobukhosi, nomsebenzi wombuso wesimoya uzovinjelwa. Ngaphandle kokulibala intshukumo kufanele ihlolisiswe. Wabiza abafundi Bakhe, uJesu wabanxusa ukuba bathathe isikebhe babuyela eKaparnawume, beMshiya ukuba ahambise abantu.

"Akuzange kube khona umyalo ovela kuKristu owabonakala ngempela ukuthi awungeke ugcwaliseke. Abafundi bebenethemba isikhathi eside ukuba inhlangano ethandwayo ibeke uJesu esihlaweni sobukhosi; babengenakubekezelela umcabango wokuthi wonke lomdlandla ube yize. Isixuku esasihlangene ukugcina iPhasika sasishisekela ukubona umprofethi omusha. Kubalandeli Bakhe lokhu kwakubonakala njengethuba lokumisa iNkosi yabo ethandekayo esihlalweni sikaIsrayeli. Ekukhanyeni kwalesifiso esisha kwakunzima kubo ukuhamba bebodwa, bashiye uJesu yedwa ogwini oluyincithakalo. Babhikisha bemelene naloluhlelo; kepha manje uJesu wakhuluma ngegunya angakaze alubhekise kubo. Bebazi ukuthi uma beqhubeka ukuphikisana ohlangothini lwabo bekuzoba-yize, futhi ngokuthula babheka ngasolwandle."-*The Desire of Ages,* p. 378.

**b. Ngosuku olulandela isimangaliso, isixuku kuyini esakwenza-na? Johane 6:22-25.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Isimangaliso sezinkwa sasibikwa kude naseduze, futhi ngakusasa ekuseni abantu bathutheleka eBethaniya ukubona uJesu. Beza ngenani elikhulu, behamba ngezinyawo nangolwandle. Labo abathe bamshiya ngobusuku obedlule babuya, belindele ukuMthola kuleyondawo; njengoba sasingekho isikebhe angawelela Ngaso ngakolunye uhlangothi. Kodwa ukufuna kwabo akuzange kuphumelele, abaningi babuyela eKaparnawume, belokhu bemfuna.

"Kuthe kusenjalo wayesefika eGenesaretha, emva kosuku olulodwa engekho. Masinyane sekwazeka ukuthi usefikile, abantu 'bagijima kuso sonke isifunda, baqala ukuthwala ngemibhede abagulayo, bebayisa lapho bezwe ukuthi ukhona.' Marako 6:55."-Ibid., pp. 383, 384.

## 3. INHLOSO ENGCONO, USIZO OLUVELA PHEZULU — Ngolwesibili, Mbasa 1

**a. Yimuphi umyalezo ongagwegwesi kodwa onengqondo uJesu awunikeza izixuku-na? Johane 6:26, 27.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"UJesu akazange anelise usikisiki lwabo. Ngokudumala wathi, 'Aningifuni ngokuba nabona izimangaliso, kepha ningifuna ngokuba nadla izinkwa, nasutha.' Abamfunanga noma ngasiphi isizathu esifanele; kodwa bathe bondliwa ngezinkwa, babenethemba lokuthola futhi usizo lwesikhashana ngokuzihlanganisa Naye. UMsindisi wabanxusa, 'Ningasebenzeli ukudla okuphelayo, kepha ukudla okuhlalayo kuze-kube ngukuphila okuphakade.' Ningafuni izinto nje eziyinzuzo. Makungabi umzamo ophakeme ukwenelisa ukuphila kwanamuhla, kodwa funani ukudla kwesimoya, ngisho nokuhlakanipha okuzohlala ingunaphakade."-*The Desire of Ages,* p. 384.

**b. Yimuphi umbuzo amaJuda awubuza uJesu mayelana nomsebenzi kaNkulunkulu-na? Johane 6:28. Chaza impendulo eyanikezwa yiNkosi. Johane 6:29.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Okomzuzwana intakazelelo yabalaleli yavuswa. Bathi-ke kuye: singenzani ukuba sisebenze imisebenzi kaNkulunkulu-na?' Bebelokhu benza imisebenzi eminingi esindayo ukuze bazibonge kuNkulunkulu; futhi babekulungele ukuzwa noma ngeyiphi inkonzo entsha leyo abangagcina ukufaneleka okukhulu. Umbuzo wabo wawusho ukuthi, Kuyini esingakwenza ukuze sifanelwe izulu-na? Lingakanani inani okufanele silikhokhe ukuze sithole ukuphila okuzayo-na?

"UJesu waphendula futhi wathi kubo, Lona ngumsebenzi kaNkulunkulu, ukuze nikholwe Kuye Lowo amthumileyo.' Intengo yezulu nguJesu. Indlela eya ezulwini ingukukholwa 'kwiWundlu likaNkulunkulu, elisusa izono zezwe. Johane 1:29."-Ibid., p. 385.

"Ukuphenduka kusho ukusuka kumina uphendukele kuKristu: futhi lapho samukela uKristu ukuze ngokukholwa siphile ukuphila Kwakhe kithi, imisebenzi emihle izobonakala."-*Thoughts from the Mount of Blessing,* p. 87.

"Kwangathi iNkosi ingasiza abantu Bayo ukuba babone ukuthi kukhona umsebenzi onzima okumele wenziwe…Ekhaya, ebandleni, nasemhlabeni kufanele basebenze umsebenzi kaKristu. Abashiywanga ukuba basebenze bebodwa. Izingelosi zizosizana nabo. Futhi uKristu ungumsizi wabo."-*Testimonies for the Church,* vol. 8, p. 18.

**a. Ama-Juda ayefuna siphi isibonakaliso futhi yiliphi iqiniso elingokomlando abakhuluma ngalo-na? Johane 6:30, 31. Wathini uJesu ngesinkwa esivela ezulwini-na? Johane 6:32, 33.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"AmaJuda ayehlonipha uMose njengomnikezeli wemana, bebuyisela udumo ngezinsimbi zomculo, futhi balahlekelwa ngumbono Walowo umsebenzi opheleliswa Ngaye. Okhokho babo bakhonona ngoMose, futhi bengaza futhi benqaba umsebenzi wakhe ongcwele. Manje ngomoya ofanayo abantwana benqaba Lowo othwele umyalezo kaNkulunkulu ngokwabo. 'UJesu wayesethi kubo: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Kwakungesiye uMose owanipha isinkwa esivela ezulwini.' Lowo onipha imana wayemi phambi kwabo. NguKristu ngoKwakhe owahola amaHeberu ehlane, futhi ebondla nsuku zonke ngesinkwa esivela ezulwini. Ukudla bekuluhlobo lwesinkwa ngempela esivela ezulwini. UMoya onika ukuphila, ogeleza uvela ekugcwaleni okungapheli kukaNkulunkulu, uyimana yeqiniso."-*The Desire of Ages*, pp. 385, 386.

**b. Begxilise izingqondo zabo phezu kwemvelo, isinkwa somzimba kuphela, isiphi isicelo abasenzayo –futhi kuyini iNkosi eyabachazela yona-na? Johane 6:34-36.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Umfanekiso uJesu awusebenzisa wawujwayelekile kumaJuda. UMose, eqhutshwa nguMoya Ongcwele, wathi, 'Umuntu akaphili ngesinkwa sodwa, kepha ngakho konke okuphuma emlonyeni kaJehova.' Umprofethi uJeremiya wabhala wathi, 'Amazwi akho afunyanwa, ngawadla; amazwi akho aba ngukujabula kimi nokuthokoza kwenhliziyo yami.' Duteronomi 8:3; Jeremiya 15:16. Orabbi ngokwabo babenesisho, sokuthi ukudla isinkwa ngokubaluleka kwesimoya, kwakungukufunda umthetho kanye nomkhuba wokwenza imisebenzi emihle; futhi kwakuvamile ukuthi ekufikeni kuka Mesiya wonke uIsrayeli uzokondliwa. Imfundiso yabaprofethi yenza kwabasobala isifundo esijulile sesimoya ngesimangaliso sezinkwa. Isifundo uKristu ayezama ukusiletha kubalaleli Bakhe esinagogweni. Uma babeqonda iMibhalo, ngabe bazwisisa amazwi Akhe uma ethi, 'Ngiyisinkwa sokuphila.' Usuku nje ngaphambi kwalolo, isixuku esikhulu, lapho siphelelwa ngamandla futhi sikhathele, sondliwa ngesinkwa abanika sona. Ngesinkwa abasamukele bathola amandla emzimbeni futhi baqabuleka, kanjalo kuKristu bangathola amandla esimoya kuze kube sekuphileni okuphakade."-Ibid., p. 386.

## 5. UKUVUKA NOKUPHILA OKUPHAKADE — Ngolwesine, Mbasa 3

**a. Yiziphi izithembiso ezimbili ezihlobene ezinikezwa labo abazihlanganisa noKristu-futhi lokhu kuletha kanjani ithemba kwisoni ngasinye-na? Johane 6:37-40.**

_______________________________________________________________________________
_______________________________________________________________________________

"Bonke abamamukela ngokukholwa, [uJesu] uthi, kufanele babe nokuphila okuphakade. Akukho noyedwa ozolahleka."-*The Desire of Ages,* p. 387.

"Ungalaleli amacebo esitha okuhlala kude noKristu uze uzenze ngcono ngokwakho; uze ulunge ngokwanele ukuza kuNkulunkulu. Uma ulinda kuze kube yileso sikhathi, awusoze weza Kuye. Lapho uSathane ekhomba izambatho zakho ezingcolile, phinda isithembiso sikaJesu, 'Ozayo Kimi angisoze ngamlahlela ngaphandle.' Johane 6:37. Utshele isitha ukuthi igazi likaKristu lihlanza zonke izono. Yenza umkhulekoi kaDavide owakho, 'Ngihlanze ngehisopi, ngihlambuluke; ngigeze, ngibe mhlophe kuneqhwa."-Amahubo 51:7.

"Vuka uye kuBaba wakho. Uzakuhlangana nawe ngendlela enhle. Uma uthatha inyathelo elilodwa lokuza Kuye ngokuphenduka, uzoshesha akusingathe ezingalweni Zakhe zothando olungapheli. Indlebe yakhe ivulekele ukukhala komphefumulo ozisolayo. Inhliziyo efinyelela kuqala ekulandeleni uNkulunkulu yaziwa Nguye. Awusoze umthandazo onikelwayo, noma unqikaza kangakanani, kungekho zinyembezi ezichithekayo, noma uyimfihlo, kungekho ukufuna uNkulunkulu okuqotho nokuthokozelwayo, noma ubuthakathaka, kepha uMoya kaNkulunkulu uhamba phambili uhlangabezane naye. Ngisho ngaphambi kokuba umthandazo wethulwe noma ukulangazela kwenhliziyo kwenziwa kwazeke, Umusa ovela kuKristu uhamba ngaphambili ukuhlangana nomusa osebenza emphefumulweni womuntu."-*Christ's Object Lessons,* pp. 205, 206.

**b. Kuyini amaJuda angakholwa akhononda ngayo futhi yisiphi isithemiso uJesu asiphinda kulabo abakholwa Nguye-na? Johane 6:41-51**

_______________________________________________________________________________

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Mbasa 4

1. **Emva kwesimangaliso sezinkwa, abalandeli bakaKristu babehlela ukwenzani-na?**
2. **Chaza intakazelelo enkulu yesixuku esilandela uJesu.**
3. **Chaza amazwi kaJesu kuJohane 6:29.**
4. **Yimuphi umfanekiso uKristu awusebenzisa ukuze abonise umthombo wokuphila wesimoya-na?**
5. **Kungayiphi indlela abaholi bamaJuda ababonisa ngayo ubandlululo lwabo bemelene noKristu-na?**

# Ubunzima E-Galile

**"IVESI LEKHANDA: "Khona-ke uJesu wathi kubo: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Uma ningayidli inyama yeNdodana yomuntu, niphuze igazi layo, aninakuphila phakathi kwenu" (Johane 6:53).**

**Incwadi Enikeziwe**: *Testimonies for the Church*, vol. 5, pp. 573-580.

"Amandla abalulekile ukuthi ukukholwa yilolo olwamukela futhi luhlose iqiniso luze lube yinxenye yomuntu kanye namandla ashukumisa ukuphila nesenzo."-*Testimonies for the Church*, vol. 5, p. 576.

## 1. UKUPHILA ENYAMENI NASEGAZI KUKA-KRISTU NgeSonto, Mbasa 6

**a. Amazwi kaKristu aba namphumela muni kubaholi bezenkolo-na? Johane 6:52. Kuyini akuchaza maqondana nenyama Yakhe negazi Lakhe-na? Johane 6:53-55.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Manje orrabi bamemeza ngentukuthelo, 'Lo angasinika kanjani inyama Yakhe, siyidle-na?' Baye bathinteka ukuqonda amazwi Akhe ngendlela efanayo ngempela njengoba kwenza UNikodemu lapho ebuza ukuthi, 'Umuntu angazalwa kanjani esemdala-na? Johane 3:4. Ngandlela thize baqonda lokho okushiwo nguJesu, kodwa bengazimisele ukuvuma. Ngokuhlanekezela amazwi Akhe, baba nethemba lokubandlulula abantu ukuba bamelane Naye."-*The Desire of Ages,* p. 389.

**b. Kusho ukuthini ngempela ukudla inyama nokuphuza igazi leNdodana kaNkulunkulu-na? Johane 6:56, 57; 1 Johane 3:24; 5:12.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Ukudla inyama nokuphuza igazi likaKristu kungukumamukela njengoMsindisi, sikholwe ukuthi uthethelela izono zethu, nokuthi siphelele Kuye. Kungukubona uthando Lwakhe, ngokuhlala kulo, ngokuphuza kulo, esiba ngabahlanganyeli bemvelo Yakhe. Lokhu okungudla komzimba, uKristu kumele abeyikho emphefumulweni."-Ibid., p. 389.

**a. Iyiphi incazelo eyengeziwe uJesu ayenza ibesobala mayelana nokushiwo amazwi Akhe-na? Johane 6:63.**

________________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________________

"Ukudla akusoze kwasisiza ngaphandle kokuthi sikudle, ngaphandle kokuthi kube yinxenye yobuntu bethu. Ngakho uKristu akasizi ngalutho kithi uma singamazi njengoMsidisi. Ulwazi lwethu lomcabango angeke lwasenzela okuhle. Kufanele sizondle Ngaye, simamukele enhliziyweni, ukuze ukuphila Kwakhe kube ngukuphila kwethu. Uthando Lwakhe, umusa Wakhe, kufanele kulingiswe….

"Ukuphila kukaKristu okunikeza ukuphila emhlabeni kusezwini Lakhe. Bekuyizwi Lakhe uJesu aphilisa izifo futhi wakhipha amademoni; ngezwi Lakhe wathulisa ulwandle, wavusa abafileyo; futhi abantu bathwala ubufakazi bokuthi izwi Lakhe lalinamandla. Wakhuluma izwi likaNkulunkulu, njengoba wakhuluma ngabaprofethi nabafundisi beTestamende Elidala. Lonke iBhayibheli libonakalisa uKristu, futhi uMsindisi wayefisa ukulungisa ukholo lwabalandeli Bakhe ngezwi. Lapho ubukhona Bakhe kumele kususwe, izwi kwakufanele libe ngumthombo wamandla abo. NjengeNkosi yabo, kwakufanele baphile 'ngamazwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu. Mathewu 4:4.

"Njengoba ukuphila komzimba wethu kuqiniswa ukudla, ngokunjalo ukuphila kwethu kwesimoya kuqiniswa yizwi likaNkulunkulu. Futhi wonke umphefumulo kufanele uthole ukuphila okuvela ezwini likaNkulunkulu ngokwakhe. Njengoba kufanele sizizidlele ukudla ukuze sithole amandla, ngakho-ke kufanele samukele izwi ngokwethu. Akufanele silamukele ngomqondo womunye. Kufanele sihlole iBhayibheli ngokunakekela, sicela usizo lukaNkulunkulu loMoya Ongcwele, ukuze siqonde izwi Lakhe. Kufanele sithathe ivesi ngalinye, silicabangisise engqondweni ngenhloso yokuthola umcabango lowo uNkulunkulu awufake evesini ngenxa yethu. Kufanele sigxile ngomcabango uze-ube ngowethu, futhi siyazi 'isho njalo iNkosi.'"-*The Desire of Ages,* p. 389, 390.

**b. Umprofethi uJeremiya uchaza kanjani lawamava-na? Jeremiya 15:16.**

________________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________________

"Uma sithatha uNkulunkulu ngokwezwi Lakhe, sizobona insindiso Yakhe…. Kufanele samukele izwi likaNkulunkulu. Kufanele silidle izwi likaNkulunkulu, siliphile izwi, liyinyama negazi leNdodana kaNkulunkulu. Kumele sidle inyama futhi siphuze igazi Layo-samukela ngokukholwa umfuziselo Wakhe wesimoya."-*Testimonies for the Church,* vol. 6, pp. 51, 52.

**a. Ibuphi ubunzima amazwi kaKristu abanga impikiswano phakathi kwabafundi Bakhe-futhi lokhu kuyisixwayiso kanjani kithi namuhla-na? Johane 6:60, 61, 65, 66.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Ukuhlolwa kwakukukhulu kakhulu. Umdlandla walabo ababefuna ukumbamba ngamandla futhi bambeke abeyinkosi waphelelwa amandla. Lentshumayelo esinagogeni, yayithi, uthe waVula amehlo abo. Manje babengenakudukiswa. Ezingqondweni zabo amazwi Akhe angukuvuma okuqondile ukuthi akaYena uMesiya, nokuthi akukho mvuzo wasemhlabeni okufanele uphheliswe ngokubasusa ekuxhumaneni Naye. Bamukele amandla Akhe asebenza izimangaliso; babelangazela ukukhululwa ezifeni nasekuhluphekeni; kodwa babengeke bazwelane nokuphila Kwakhe kokuzidela. Babengenandaba nombuso ongaqondakali wesimoya Lowo akhuluma ngawo. Ukuzenzisa, ubugovu, labo ababemfuna, babengenandaba Naye. Uma enganikeli amandla Akhe nomfutho ukubatholela inkululeko yabo embusweni wamaRoma, babengeke babenamsebenzi Naye….

"Ngamazwi eqiniso, amakhoba ahlukaniswa namabele. Ngoba babeyize futhi babelunge kakhulu ukuba bangamukela ukusolwa, babethanda izwe kakhulu ukuba bamukele ukuphila okuthobekile, abaningi bamhlubukela uJesu. Abaningi basenza into efanayo namanje. Imiphefumulo iyahlolwa namuhla njengabafundisi esinagogeni laseKapanawume. Lapho iqiniso lilethwa ekhaya enhliziyweni, futhi bebona ukuthi ukuphila kwabo akuvumelani nentando kaNkulunkulu. Babona isidingo sosizo lwenguquko ephelele; kodwa abavumi umsebenzi wokuzidela. Ngakho-ke bayathukuthela uma izono zabo zibonakala. Bahamba becasukile, njengabafundi labo abashiya uJesu, bekhononda. 'Lesi isisho esinzima; ngubani ozosizwa-na?' "-*The Desire of Ages*, pp. 391, 392.

**b. Emva kokuba labafundi sebemshiyile, mbuzo muni uKristu awuletha kwabayishumi nambili-na? Johane 6:67. Singenanela kanjani impendulo kaPeter ehlakaniphile namuhla-na? Johane 6:68, 69.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Ngenxa yombiko omuhle nomubi, ngenxa yobumnyama, ngenxa yakho konke ukuphikisana kwezithunywa zikaSathane, iLanga Lokulunga lizokhanya ngesizotha, liphenya okubi, livimbela isono, livuselela umoya wothobekile nodabukile. 'Nkosi, siyakuya kubani-na? Amazwi okuphila okuphakade Akuwe.'"-*Testimonies to Ministers,* p. 285.

## 4. KUSUKELA KUBUFUNDI UKUYA KWIZITHA — Ngolwesithathu, Mbasa 9

**a. Kuyini esingakusho ngokuvamile ngalabo abahlubukela uKristu-na? 1 Johane 2:19. Yisiphi isikhundla esidumazayo abafundi ababengathintekile abasithatha-na?**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"Njengoba labo bafundi abangabakhohlisi bafulathela uKristu, umoya ohlukile wathatha indawo kubo. Babengaboni lutho oluhehayo Kulowo ngaphambili babemthola ethakazelisa. Bafuna izitha Zakhe, ngoba zazivumelana nomoya wabo nomsebenzi. Bahlanekezela amazwi Akhe, baqinisekisa izitatimende Zakhe, babesola izindlela Zakhe. Bazitholela inkambo yabo ngokuqoqa yonke into engaphenduka imelane Naye. Futhi intukuthelo enjalo yavuselelwa imibiko yamanga yokuthi impilo Yakhe isengozini."-*The Desire of Ages,* p. 392, 393.

**b. Kuyini okwenzeka kubalaleli abanomcabange wenyama-na? Roma 16:17, 18.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"Ukudumisa nokuthopha kungajabulisa…kodwa iqiniso alamukelwa; abakwazi ukulizwa. Lapho izixuku zilandela, nalapho izixuku zondliwa, nomsindo wokumemeza kokunqoba uzwakala, namaphimbo aphezulu ekudumiseni, kodwa lapho ukucwaninga koMoya kaNkulunkulu kuveza isono sabo, futhi ubancenga ukuba balisishiye, bayalifulathela iqiniso, futhi bangabe besahamba noJesu."-Ibid., p. 392.

**c. Ngaphandle kwalabo abahlubukela uJesu, ngubani owahlangana ngaphakathi nezitha Zakhe-futhi lenkonzo engaphelele yabonakaliswa kanjani-na? Johane 6:70, 71.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"Intshumayelo kaKristu esinagogweni maqondana nesinkwa sokuphila yaba inguquko emlandweni kaJudasi….Wabona ukuthi uKristu ubenikela okwesimoya kunezinto ezinhle zomhlaba. Wazibheka yena njengobonela kude, futhi ecabanga ukuthi uzobona ukuthi uJesu angeke ahlonishwe, nokuthi angeke anikeza isikhundla esiphakeme kubalandeli Bakhe. Wazimisela ukuba angazihlanganisi kakhulu kuKristu kodwa ukuze akwazi ukumgwema. Wayezobheka. Futhi wabheka.

"Kusukela ngalesosikhathi wagcizelela ukungabaza okwamangaza abafundi. Wangenisa izimpikiswano nemicabango edukisayo, ephindaphinda izimpikiswano ezikhuthazwa ngamababhali nabaFarisi mayelana nezimfuno zikaKristu. Zonke izinkathazo ezinkulu nezincane kanye nosizi, ubunzima nezikhubekiso ezisobala zokuthuthukisa ivangeli, uJudasi wazihumusha njengobufakazi obumelene neqiniso."-Ibid., p 719.

## 5. UKUMAZI ONGUMKHAPHELI — Ngolwesine, Mbasa 10

**a. Chaza isici esikhona esamukelwa nguJudasi. Johane 12:4-6; Izaga 3:32.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"[UJudasi] wayezokwethula amazwi eMibhalo eyingahlangani neqiniso likaKristu alilethayo. Lemibhalo, yayihlukaniswe nokuxhumana kwayo, yadida abafundi, futhi yakhulisa ukudumazeka okwakubacindezela njalo. Kodwa konke lokhu wakwenza uJudasi ngendlela yokuthi kubonakale sengathi unonembeza."-*The Desire of Ages,* pp. 719.

**b. Yisiphi isithemiso esivame ukuqinisekiswa kumava ethu ezenkolo-ngisho nasesimeni esifanayo nengozi yaseGalile-na? Roma 8:28.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Lapho uJesu eletha iqiniso elivivinyayo elabangela abafundi Bakhe abaningi ukuba babuyele emuva, ubazi okuzoba umphumela wamazwi Akhe; kodwa wayenenhloso yomusa okufanele ugcwaliseke. Wabonela ngaphambili ukuthi ngehora lokulingwa bonke abafundi Bakhe abathandekayo bazolingwa kanzima. Usizi Lwakhe eGetsemane, ukukhashelwa Kwakhe nokubethelwa esiphambanweni, kubona kuzoba ukuhlolwa okunzima kakhulu. Sasingekho isilingo ngaphambili abanikezwe sona, abaningi ababunjwa ngumsuka wobugovu nje engabe bazihlanganisa nabo. Lapho iNkosi yabo igwetshwa kuholo lokuthetha amacala; lapho isixuku esasimvuma njengeNkosi yabo ngokufutheka simcasukela; lapho isixuku simemeza, 'Mbethele!'-lapho ukufisa kwabo okomhlaba kubadangalisa, labo abazifunelayo, bazolahla inkonzo yabo kuJesu, balethe kubafundi usizi olubabayo, nobuhlungu benhliziyo, bengeza osizini lwabo nokudangala ukonakalisa ithemba abalithandayo. Ngehora lobumnyama, isibonelo salabo abamfulathela kungenzeka baholele nabanye ukuba bahambe nabo. Kodwa uJesu wabalethelela lolusizi esekhona phakathi kwabo ukuqinisa ukholo lwabalandeli Bakhe beqiniso."-Ibid.*,* p. 394.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Mbasa 11

1. **"Singadla kanjani inyama yeNdodana yomuntu, futhi siphuze igazi Layo-na"?**
2. **Kusho ukuthini ukubheka kuJesu-na?**
3. **Kungani abanye baphatheka kabi ngamazwi kaJesu-na?**
4. **Kuyini abakwenza kamuva-futhi lokhu kusixwayisa kanjani-na?**
5. **Chaza isimo sesimoya sikaJudasi emva kwalokhu, kanye nomphumela wakho.**

# UJesu Esemkhosini wamaDokodo

**IVESI LEKHANDA "Bamangala ngokufundisa Kwakhe, ngokuba izwi Lakhe lalinamandla "(Luka 4:32).**

**Izincwadi Ezinikeziwe**: *Thoughts from the Mount of Blessing,* pp. 31-35.

"UJesu ubazi ngezidingo zomphefumulo. Ubukhazikhazi, ingcebo, kanye nodumo angeke kwanelisa inhliziyo. 'Uma ekhona owomileyo, akeze kimi aphuze.' Abacebile, nabampofu, abaphakeme, nabaphansi, bamukelwa ngokufanayo. Uthembisa ukukhulula ingqondo ethwele kanzima, ukududuza abadabukileyo, futhi anikeze ithemba kwabadangele."-*The Desire of Ages*, p. 454.

## 1. UKUPHILA KWASEKHAYA KUKA-JESU **NgeSonto, Mbasa 13**

**a. Iyiphi inselele uJesu abhekana nayo ekhaya Lakhe-na? Johane 7:5.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Ebuncaneni Bakhe, uJesu wayeseqalile ukwakha isimilo Sakhe, futhi inhlonipho nothando kubazali Bakhe kwakungeke kwamenza ayeke ukulalela izwi likaNkulunkulu. 'Kulotshiwe ukuthi' bekuyisizathu Sakhe ngesenzo ngasinye esingafani namasiko omndeni. Kodwa umfutho waborabbi wenza ukuphila Kwakhe kwaba muncu. Nasebusheni Bakhe kwakunele afunde isifundo esinzima sokuthula nokubekezela.

"Abafowabo, njengamadodana kaJosefa abizwa ukuthi, abesohlangothini laworabbi. Ayegcizelela ukuthi amasiko kufanele aqashelwe, kungathi ayizimfuno zikaNkulunkulu. Babenaka izimiso zabantu kakhulu kunelizwi likaNkulunkulu, futhi babethukutheliswa kakhulu ukukhalipha okusobala kukaJesu lapho ehlukanisa phakathi kwamanga neqiniso. Ukulalela Kwakhe okuqotho umthetho kaNkulunkulu, bakugxeka ngokuthi unenkani. Bemangaliswa ulwazi nokuhlakanipha akubonisayo uma ephendula orabbi. Bebazi ukuthi akatholanga imfundo evela kumadoda ahlakaniphile, kodwa babengenakho ukubona ukuthi Yena ungumeluleki wabo. Baqonda ukuthi imfundo Yakhe yayiphakeme kakhulu kuneyabo. Kodwa abahlukanisanga ukuthi wayenelungelo lomuthi wokuphila, umthombo wolwazi bona ababengenawo."-*The Desire of Ages*, p. 86.

**a. Siphakamiso-sini abafowabo kaJesu abasenza Kuye ngesikhathi belindele umkhosi wamadokodo weminyaka yonke-na? Johane 7:3, 4.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Abafowabo [bakaKristu] babecabanga ukuthi wenza iphutha ngokuzehlukanisa namadoda afundile esizwe. Babenomuzwa wokuthi lamadoda enza okulungile, nokuthi uJesu usephutheni lokuzibeka ngoKwakhe ukuba aphikisane nawo. Kodwa babengofakazi bokuphila Kwakhe okumsulwa, futhi noma babengazibeki kwizinga labafundi Bakhe, babethathekiswe kakhulu imisebenzi Yakhe. Udumo Lwakhe eGalile belithokozisa izifiso zabo; babenethemba lokuthi uzonikeza ubufakazi bamandla Akhe azoholela abaFarisi ukuba babone ukuthi uyilokho Azisho ukuthi uyikho. Kungathiwani uma enguMesiya, isikhulu sakwaIsrayeli! Babewuthanda lomcabango ngokweneliseka okuziqhenyayo.

"Babekhathazekile kakhulu ngalokhu baze banxusa uKristu ukuba aye eJerusalema. 'Muka lapha,' besho, 'uye eJudiya, nabafundi Bakho ukuze babone imisebenzi Yakho oyenzayo. Ngoba akukho muntu owenza utho ekusithekeni, befuna yena uqobo lwakhe abesobala. Uma wenza lezizinto, zibonakalise Wena kulo izwe.' Futhi igama elithi 'uma' ligcizelela ukungabaza nokungakholwa. Babebonisa ubugwala nobuthakathaka Kuye. Uma ezazi Yena ukuthi unguMesiya, kungani lokuziphatha okungajwalekile nokungenzi umsebenzi-na? Uma ngempela enawo lawomandla, kungani engahambi ngesibindi ukuya eJerusalema, futhi aqinise izimfuno Zakhe. Kungani engenzi imisebenzi eJerusalema imisebenzi emangalisayo okubikwa ngayo eGalile. Ungazifihli ezifundazweni ezisithekile, besho, bese wenza imisebenzi yakho enamandla ukuba kusizakale abalimi nabadobi abangafundile. Ziveze enhloko-dolobha, uzuze ukusekelwa ngabapristi nababusi, bese uhlanganisa isizwe ekusunguleni umbuso omusha."-*The Desire of Ages*, p. 450.

**b. Chaza inkinga abamnene ababehlala bebhekana nayo. Amahubo 86:14.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Abafowabo bakaJesu uma ebonisana nabo ngomsuka wobugovu kaningi obutholakala ezinhliziyweni zalabo abafisa ukuvelela. Lomoya bekungumoya obusa emhlabeni. Babephatheka kabi ngoba, esikhundleni sokufuna isihlalo sobukhosi sesikhashana, uKristu wayememezela ukuthi uyisinkwa sokuphila. Badumala kakhulu lapho abafundi abaningi bemshiya. Bona ngokwabo basuka Kuye bebalekela isiphambano sokuvuma imisebenzi athe wayembula-yokuthi uyisiThunywa sikaNkulunkulu."-Ibid., p.451.

## 3. IMPIKISWANO NGO-JESU — Ngolwesibili, Mbasa 15

**a. Yimiphi imibono ephikisanayo eyakhuliswa ngoJesu-na? Johane 7:11, 12.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"Ukusuka eJerusalema umbiko wezimangaliso zikaKristu wasabalala yonke indawo lapha amaJuda ayehlakazeke khona. Futhi noma izinyanga eziningi ubengekho emikhosini, intakazelelo Kuye ayizange inciphe. Abaningi abavela kuzo zonke izinxenye zomhlaba babekhuphukele eMkhosini wamaTabanakeli ngethemba lokuMbona. Ekuqaleni komkhosi imibuzo eminingi yenziwa Ngaye. Abafarisi nababusi babelindele ukuthi uYeza, benethemba lokuthola ithuba lokumlahla ngecala. Ngokushisekela babuza, 'Uphi Yena?' kodwa akekho owaziyo. Umcabango Ngaye wawuphezulu kakhulu ezingqondweni zonke. Ngokwesaba abapristi nababusi, akekho nakanye owaMvuma njengoMesiya, kepha yonke indawo kwakukhona ingxoxo eyayingakaze ibekhona impela Ngaye. Abaningi babemvikela njengaLowo othunywe nguNkulunkulu, kanti abanye bemgxeka njengomkhohlisi wabantu."-*The Desire of Ages*, pp. 451, 452.

**b. UJesu wayithulisa kanjani imibono ephikisanayo ephathelene Naye-na? Johane 7:14-18; Luka 4:32.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"Phakathi komkhosi, lapho ukwesasa Ngaye kuphakeme kakhulu, waNgena egcekeni lethempeli phambi kwesixuku. Ngenxa yokungabikho Kwakhe emkhosini, kwakunxuswe ukuthi angabi nesibindi sokuzibeka emandleni ngaphezu kwabapristi nababusi. Bonke bamangala ngobukhona Bakhe. Kwathuliswa wonke amazwi. Bonke bamangala ngesithunzi nesibindi sokuziphatha Kwakhe phakathi kwezitha ezinamandla ezazinxanela ukuphila Kwakhe.

"Ngakho-ke, emile, njesikhungo sokukhangwa yisixuku esikhulu, uJesu wabafundisa njengokungathi akukho muntu owake wakwenza ngaphambili. Amagama Akhe akhombisa ulwazi lwemithetho kanye nezimiso zakwa-Israyeli, nezinkonzo zemihlatshelo nezimfundiso zabaprofethi, zezidlula kude kakhulu ezabapristi naworabbi. Waphula izivimbelo zemikhuba namasiko. Izehlakalo zokuphila okuzayo zazibonakala ziphambi Kwakhe. Njengomuntu obona okungaBonwa, wakhuluma ngelizwe lasemhlabeni nelasezulwini, umuntu nokungcwele, ngegunya elihle. Amagama Akhe ayesobala futhi aqinisekile, futhi, njengaseKapenawume, abantu bamangala ngokufundisa Kwakhe, 'ngoba izwi Lakhe lalinamandla.' Luka 4:32….Bonke bazulazula olwazini Lwakhe lomthetho neziprofetho."-Ibid., pp. 452, 453.

## 4. INZONDO EBHEKISWE KOYINGCWELE — Ngolwesithathu, Mbasa 16

**a. UJesu kuyini akubona ko-rabbi futhi mbuzo muni awuletha-na? Johane 7:19.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"UJesu wanikeza orrabi ubufakazi bobungcwele Bakhe ngokubabonisa ukuthi wayefunda izinhliziyo zabo. Kusukela ekwelapheni Kwakhe eBethaniya babeceba ukufa Kwakhe. Kanjalo babephula umthetho abawufakazelayo ukuba bazivikele. 'Ingabe uMose akaninikanga umthetho,' Wathi, 'Nokho akekho kini ogcina umthetho? Kungani nifuna ukungibulala-na?"-*The Desire of Ages,* p.456.

**b. Ekuphenduleni kwabo uKristu, kuyini o-rabbi abambeka icala ngakho-futhi waphendula kanjani-na? Johane 7:20-23.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"Kulokuqagela [ukuthi imisebenzi Yakhe emangalisayo ithunyelwe ngumoya omubi] uKristu akazange akunake. Waqhubeka ukubonisa ukuthi umsebenzi Wakhe wokuphilisa eBethaniya wawuvumelana nomthetho weSabatha, nokuthi amaJuda ngokwawo akuphendulela ngokuhumusha akubeka emthethweni. Wathi, 'Ngokuba uMose uninikile ukusoka…futhi ngosuku lweSabatha niyamsoka umuntu.' Ngokuya ngomthetho, wonke umntwana kufanele asokwe emva kwezinsuku eziyishiyagalombili. Lapho isikhathi esimisiwe sifika ngeSabatha, kanjalo usiko kumele lwenziwe. Kukangakanani okumele kuhambisane nomoya womthetho wokwenza umuntu 'konke okumhlophe ngokuphelele ngosuku lweSabatha.'"-Ibid., pp. 456, 457.

**c. Chaza ukubaluleka okubanzi kwesixwayiso esilandelayo sikaKristu. Johane 7:24.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"Ababusi bathuliswa; futhi iningi labantu lababaza lithi. Lona akasiye yini abafuna ukumbulala-na? Kodwa bheka, ukhuluma ngesibindi, abasho lutho Kuye. Ingabe ababusi bayazi ngempela ukuthi lo unguKristu-na?"-Ibid., p. 457.

"UKristu akabheki ukubonakala kwangaphandle; akahluleli njengalokhu umuntu ehlulela. Akazisi umuntu ngokwesigaba sakhe, ithalenta, imfundo, noma isikhundla.

"Kulomuntu ngiyakubheka, Esho, 'nakulowo ompofu, nonomoya ochotshoziweyo, nothuthumela ngezwi Lami."-*The Signs of the Times,* Mfumfu 21, 1897.

## 5. UKUNQUMA KOMUNTU VS OKUNGCWELE — Ngolwesine, Mbasa 17

**a. Umbhalo uveza kanjani isimo sengqondo somphakathi kulomhlaba-ngokuvamile njengoba sasibonakala ezikhathini zasendulo, kodwa ikakhulukazi namuhla-na? Isaya 59:14, 15.**

_______________________________________________________________________________

"Izithunywa ezimbi zihlanganisa amandla azo futhi ziyawaqinisa. Zinika amandla inhlekelele enkulu yokugcina. Izinguquko ezinkulu zizokwenzeka maduzane emhlabeni wethu, futhi ukunyakaza kokugcina kuzokwenzeka ngokushesha….

"Isitha siphumelele ukuhlanekezela ubulungisa nokugcwalisa izinhliziyo zabantu ngesifiso sokuzuza ngobugovu….Ukukhala kwabantu abalambile kwenyukela phambi kukaNkulunkulu, kuyilapho ukucindezela kwezinhlobo zonke nokuphanga abantu ngobugovu baqokelela ingcebo enkulu ngokwesabekayo."-*Testimonies for the Church,* vol. 9, pp. 11, 12.

**b. Phakathi kwzinxushunxushu, kungani singathembela ezindleleni zikaNkulunkulu-na? Isaya 55:8, 9.**

_______________________________________________________________________________

"Noma izingqondo zabantu ezifayo zingakulungele ukungena kwikomiti yokweluleka yaLowo Ongapheliyo, noma ukuqonda ngokuphelele ukusebenza kwezinhloso Zakhe, kodwa kaningi kungenxa yamanye amaphutha noma ukunganaki kolwabo uhlangothi maqondana nomyalezo waseZulwini. Kaningi izingqondo zabantu, ngisho nezinceku zikaNkulunkulu, ziphuphuthekiswa imibono yabantu, amasiko nezimfundiso zamanga zabantu, ukuze bakwazi ukuqonda kuphela inxenye yezinto ezembulwe ezwini Lakhe."-*The Great Controversy,* pp. 344, 345.

"Icebo likaNkulunkulu ngabantwana Bakhe liphakeme kunomcabango umuntu angafinyelela kuwo. Unikezile emthethweni Wakhe ongcwele umbhalo wesimilo Sakhe."- *Testimonies for the Church,* vol. 8, p. 63.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Mbasa 18

1. **Chaza isimo sasekhaya uJesu akhulela kuso.**
2. **Isimo sengqondo esinjani esaboniswa abafowabo baka-Kristu esiphindeka kaningi namuhla-na?**
3. **Yimiphi imibono ephikisanayo eyasakazwa ngoJesu-na?**
4. **Chaza umoya o-rabbi abawubonisa kuJesu.**
5. **Chaza umehluko omkhulu phakathi kwezindlela zomuntu nezikaNkulunkulu.**

# Akuzange Kukhulume Umuntu Njengalo-Muntu

**IVESI LEKHANDA: "Izikhonzi zaphendula zathi: Akuzange kukhulume-muntu njengokuba kukhuluma lowomuntu"(Johane 7:46).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies to Ministers,* pp. 506, 512.

"Ukubona nokulazisa iqiniso, kwencike kancane engqondweni kunasenhliziyweni. Iqiniso kumelwe lamukelwe emphefumulweni; futhi libiza ukuhlonishwa kwentando."-*The Desire of Ages,* p. 455.

## 1. INTAKAZELELO YABANTU KU-JESU — NgeSonto, Mbasa 20

**a. Lapho bezwa futhi bebona uJesu eshumayela phambi kwabantu, kuyini okwabuzwa amanye amaJuda-na? Johane 7:25, 26.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Abaningi phakathi kwabalaleli bakaKristu ababehlala eJerusalema, futhi ababenolwazi ngamacebo ababusi abamelana Naye, bazizwa bedonseleka Kuye ngamandla angenakuvinjelwa. Ukuqiniseka kwacindezelwa phezu kwabo ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu."-*The Desire of Ages*, p. 457.

**b. Kuyini uSathane akwenza kubabusi ukuletha ukungabaza-na? Johane 7:27.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"USathane wayelungele ukuletha ukungabaza; futhi ngalokhu indlela yalungiswa ngeyabo imicabango engalungile ngoMesiya nokuza Kwakhe. Kwakukholelwa ngokuvamile ukuthi uKristu uzozalwa eBethlehema, nokuthi emva kwesikhathi uzoNyamalala, futhi ekubonakaleni Kwakhe okwesibili akekho ozokwazi uma esefikile. Babembalwa ababamba ukuthi uMesiya ubengeke abenobuhlobo nabantu. Futhi ngenxa yomcabango othandwayo wenkazimulo kaMesiya abazange bahlangane noJesu waseNazaretha, abaningi baqaphela leziphakamiso, nokho thina siyamazi loMuntu lapho evela khona: kodwa lapho uKristu esefikile, akukho owaziyo ukuthi uvela kuphi."-Ibid.

**a. Lapho efunda imicabango yabalaleli Bakhe ababengabaza, uJesu wathini kubo-na? Johane 7:28.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ngesikhathi besazilazila phakathi kokungabaza nokukholwa, uJesu wathatha imicabango yabo waphendula wathi kubo: 'Niyangazi, futhi niyazi ukuthi ngivelaphi: Futhi angizizelanga ngoKwami, kepha Lowo ongithumileyo uqinisile, Lowo eningamazi.' Babezisho ukuthi banolwazi lokuthi isiqalo sikaKristu kumele sibenjani, kodwa babengazi lutho. Uma bebephila ngokuvumelana nentando kaNkulunkulu, bebezoyazi iNdodana Yakhe lapho ibonakaliswa kubo."-*The Desire of Ages,* p. 457.

**b. Lapho bentula amaphuzu okuphikisa uJesu, abaholi bakwaJuda bazama kanjani ukumthulisa-na? Johane 7:30 (isigaba sokuqala). Empeleni, kungani bengakwazanga ukumbamba-na? Johane 7:30 (isigaba sokugcina).**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Abalaleli abakwazanga ukuqonda amazwi kaKristu. Ngokusobala kwakungukuphinda-phida kwesimangaliso abesenzile phambi kwamaSahendrin ezinyangeni eziningi ngaphambili, lapho yena eziveza njengeNdodana kaNkulunkulu. Lapho ababusi bezama ukuzungeza ukufa Kwakhe, manje base becabanga ukuMthatha; kodwa bavinjelwa amandla angabonakali, lawo amisa umkhawulo wokufutheka kwabo, wathi kubo, niyakuhamba nifinyelele lapha, ningadluleli phambili."-Ibid.

**c. Abaningi babonisa kanjani ukholo lwabo kuJesu-nokuthi ababusi babehlela ukwenzani lapho bebona ukuthi abantu bazwelana Naye-na? Johane 7:31, 32.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Abaholi babaFarisi, ababekhathazekile ngokubuka okwenzekayo, babamba amazwi ozwelo phakathi kwesixuku. Baphuthuma kubapristi abakhulu, beceba ukumbamba, bahlela nokho ukumthatha eyedwa, ngokuba ababanga nesibindi sokumbamba phambi kwabantu."-Ibid., pp. 457, 458.

## 3. ISIMEMO **Ngolwesibili, Mbasa 22**

**a. Ngosuku lokugcina lomkhosi, yimuphi umfanekiso omuhle uJesu awenza ukuze aduduze imiphefumulo ekhathele ngenxa yesono-na? Johane 7:37, 38.**

__________________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________________

"Inhliziyo eyamukela izwi likaNkulunkulu ayifani nechibi elihwamukayo, ayifani nomthombo ophukile olahlekelwe ubugugu bawo. Ifana nomfudlana wentaba, owondliwa imithombo engapheli, egxuma lawo lipholile, elikhazimulayo elivela edwaleni ukuya edwaleni, livuselele abakhathele, abomile, abasindwayo. Ifaniswa nomfula ogeleza njalo, futhi njengoba uthuthuka, ujula futhi uba-banzi, aze-amanzi anika ukuphila ahlakazeka emhlabeni wonke. Umfula ohlabelelayo endleleni yawo ushiya emuva isipho sezithelo eziningi eziluhlaza. Utshani olusesebeni luluhlaza ngokusha, izihlalhla ziluhlaza ngokunothile, nezimbali eziningi. Lapho umhlaba ulele futhu ungekho-phuzi ngaphansi kokushisa okuvuthayo kwehlobo, umugqa oluhlaza uphawula indlela yokuhamba komfula.

"Kunjalo ngomntwana kaNkulunkulu weqiniso. Inkolo kaKristu yembula ngokwayo ukubaluleka okuqinisayo, isimiso esigcwala yonke indawo, esiphilayo, esisebenzayo, amandla esimoya. Uma inhliziyo ivulekela umfutho wasezulwini weqiniso nothando, lezimiso zizophinde zigeleza njengemifula ehlane, ebangela ukuthela kubonakale lapho manje kungaveli lutho nendlala."-*Prophets and Kings*, pp. 233, 234.

"'Uma ekhona owomileyo, ngethemba lokuphumula, ngenxa yokukhululwa kwizimpawu zesono, uKristu uthi, 'akeze Kimi, aphuze.' Johane 7:37."-*The Ministry of Healing,* p. 179.

**b. Kungayiphi indlela lesimemo kufanele siqondwe kabanzi-na? Johane 7:39.**

__________________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________________

"UKristu waphana ngezimiso zeqiniso evangelini. Ezimfundiswe Zakhe singaphuza kwimifula ehlanzekile egeleza ivela esihlalweni sikaNkulunkulu."-*Testimonies for the Church,* vol. 8, p. 309.

"Esikudingayo inkolo ephilayo. Umuntu oyedwa wemibono eyandisiwe yomsebenzi, emphefumulweni wakhe exhumana noNkulunkulu futhi ogcwele intshiseko ngoKristu, uzocindezela umfutho onamandla ngobuhle. Akaphuzi emfuleni ongajulile, odungekile, kodwa emanzini ahlanzekile, aphakeme lapho usuka khona; futhi uzokwazi ukukhuluma ngomoya omusha namandla ebandleni. Njengoba ukucindezela kwangaphandle kukhula, uNkulunkulu uzokwenza ibandla Lakhe liqiniswe ngobungcwele, amaqiniso azothile abakholelwa kuwo. UMoya Ongcwele ovela ezulwini, osebenza namadodana namadodakazi kaNkulunkulu, bazoba ngaphezu kwezihibe bababambe umhlaba wombonisi omelana nesitha. UNkulunkulu unokunqoba okukhulu akubekile kulabo abathanda iqiniso, abantu abagcina umthetho."-Ibid., vol. 5, p. 581.

## 4. AMAZWI ANGAFANI NAWABANYE — Ngolwesithathu, Mbasa 23

**a. Ngenxa yokubhekisa kukaKristu emanzini okuphila, abaningi baphetha ngokuthini-futhi kungani-na? Johane 7:40 (qhathanisa noDuteronomi 18:15).**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

**b. Lapho abanye bekhuthazwa ngethemba elinjalo, abanye basabela kanjani-na? Johane 7:41-44.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

**c. Myalo muni owatholwa yizikhulu uvela kubabusi babo-na? Johane 7:45 Kungani bengakwazanga ukubopha uJesu-na? Johane 7:46.**

______________________________________________________________________________

"Ngosuku lokugcina lomkhosi, izinduna zathunywa ngabapristi nababusi ukuba zibambe uJesu, zabuyela emuva ngaphandle Kwakhe. Zabuzwa ngolaka, 'Kungani ningamlethanga-na?' Ngobuso obunesizotha zaphendula, 'Akuzange kukhulume-muntu njengokuba kukhuluma lowoMuntu.'

"Njengoba izinhliziyo zabo zazilukhuni, zathanjiswa amazwi Akhe. Ngesikhathi ekhuluma egcekeni lethempeli, babezulazula eduze, befuna ukubamba okuthize kamuva okungahle kumelana Naye. Kodwa njengoba belalele, inhloso yokuthunywa kwabo yalibaleka. Bema njengabantu abajabulile. UKristu wazembula ngoKwakhe emiphefumulweni yabo. Babona ukuthi abapristi nababusi angeke babona-ubuntu bugcweliswe ngenkazimulo engcwele."-*The Desire of Ages*, p. 459.

"UKristu wasebenzisa izinto zemvelo lezo ababejwayelene nazo, ukufanekisa iqiniso elingcwele. Umhlabathi wenhliziyo walungiswa kanjalo ukuthola imbewu enhle. Wenza abalaleli Bakhe bazizwa ukuthi intakazelelo Yakhe yayihlangana neyabo, ukuze inhliziyo yakhe uzwelane nabo enjabulweni nasosizini lwabo. Futhi ngaleso sikhathi babona Kuye ukwembulwa kwamandla nobuhle obudlula kude oluphethwe orabbi. Izimfundiso zikaKristu zaphawulwa ngobulula bazo, isizotha, namandla kuze kufike namuhla zazingaziwa kubo, futhi ngokuthanda kwabo bamemeza bathi: 'Akuzange kukhulume muntu njengokuba Kukhuluma lowoMuntu.' Abantu baMlalela ngokujabula; kodwa abapristi nababusi-ngokwabo bamangalela ithemba labo njengabalondolozi beqiniso-bamzonda kakhulu uKristu ngomusa owembuliwe, owadonsela izixuku kude nabo ukuba zilandele uKukhanya kokuphila. Ngokusebenzisa umfutho wabo isizwe samaJuda, sehluleka ukubona isimilo Sakhe esingcwele, bamenqaba uMhlengi."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 747.

## 5. UKUTHUTHUKA KOFUNA NGOKWEQINISO — Ngolwesine, Mbasa 24

**a. Abapristi abakhulu nabaFarisi bazikhuza kanjani izikhonzi-na? Johane 7:47-49.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

**b. Chaza ingxonxo eyalandela uNikodemu-ebonisa ukukhula kwakhe kusukela ngobusuku eqala ukukhulumisana noKristu kuJohane isahluko 3. Johane 7:50-52.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"[UNikodemu] wafihla iqiniso enhliziyweni yakhe, futhi iminyaka emithathu kwakukhona isithelo esincane esibonakalayo. Kodwa nakuba uNikodemu engamvumanga ngokusobala uKristu, emkhandlwini weSanhendrin wayenqanda kaningi amacebo abapristi ukuba bangambulali."-*The Acts of the Apostles*, p. 104.

"Isifundo uKristu asinika uNikodemu [ekuvakasheni kwakhe ebusuku kuJohane isahluko 3] akuzange kwaba yize. Ukuqiniseka kwase kugxile engqondweni yakhe, futhi enhliziyweni yakhe wayemamukele uJesu. Kusukela ekukhulumisaneni noMsindisi, wahlola ngobuqotho iMibhalo yeTestamende Elidala, futhi walibona iqiniso libekwe endaweni ngempela yevangeli.

"Umbuzo owabuzwa nguye wawuhlakaniphile, futhi ngabe wezwakala kulabo abamele umkhandlu uma bebengadukiswanga yisitha. Kodwa babegcwele ubandlululo kangangoba akukho mpikiswano yokuthanda uJesu waseNazaretha, nokho wawudelisa, ungenasisindo kubo. Impendulo ayithola uNikodemu, beyithi, 'Kanti nawe ungowaseGalile-na? Futhi Phenyisisa: ukuthi akuveli umprofethi eGalile.'

"Abapristi nababusi babekhohlisiwe, futhi uSathane wayehlose ukuba bakholwe, ukuthi uKristu uvela eGalile. Abanye ababenolwazi lokuthi wazalelwa eBethlehem, bathula, ukuze amanga angaphucwa amandla awo."-*SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 5, p. 1136.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Mbasa 25

1. **Kungani uJesu adonsa ukunaka nenhlonipho yabantu-na?**
2. **Ababusi bakwaJuda baphikelela kanjani ukuzama ukuvimbela uJesu-na?**
3. **Isiphi isicelo uJesu asenza ngosuku lokugcina lomkhosi-na?**
4. **Chaza impikiswano enkulu eyalandela ngenxa yalokho.**
5. **Uma ucabanga ngabantu obaziyo, kufanele ukhumbeleni ngoNikodemu-na?**

# Umnikelo WeSabatha Lokuqala

ISabatha, Nhlaba 3, 2025

## Ngowe-World Mission

Namuhla umlayezo ufike ngesikhathi uyahlokoma:

"Umoya wokufundisa kufanele uvuselelwe emabandleni ethu. Wonke amalunga ebandla kufanele afunde ukuthi angasiza kanjani ukuqhubekisela phambili umsebenzi kaNkulunkulu, kokubili kumamishini asekhaya nasemazweni akude. Cishe inxenye eyinkulungwane yomsebenzi owenziwe okufanele ngabe wenziwe kumasimu yizithunywa zevangeli. UNkulunkulu ubiza izisebenzi Zakhe ukuba zihlanganise amasimu amasha ngenxa Yakhe. Kukhona amasimu anomhlaba onothile alindele ukusetshenzwa isisebenzi esithembekile. Izingelosi ezikhonzayo zizosizana namalunga onke ebandla azosebenzela iNkosi yawo ngokuzinikela.

"Ibandla likaKristu emhlabeni lahlelwa ngenhloso yokuvangela, neNkosi ifisa ukubona ibandla lonke liceba izindlela nezimali lapho abakhulu nabancane, abacebile nabampofu, bangezwa umlayezo weqiniso. Asibobonke ababizelewe umsebenzi womuntu ubuqu kumasimu akude, kodwa bonke bangenza okuthile ngemikhuleko yabo nangezipho ukuze basize umsebenzi wezithunywa zevangeli.

"Usomabhizinisi waseMelika obengumKrestu oqotho, lapho ekukhuluma nesinye isisebenzi esikanye naye waphawula ngokwakhe ukuthi wayesebenzela uKristu amahora angamashumi amabili nane ngosuku. Kubo bonke ubudlelwano bami nebhizimisi,' wathi, 'ngizama ukumela iNkosi yami. Njengoba nginethuba, ngizama ukuzuzela abanye Kuyo. Usuku lonke ngisebenzela uKristu. Futhi ebusuku, lapho ngilele, nginomuntu osebenzela Yena endaweni yaseChina.'

"Ekuchazeni wengeza: "Ebusheni bami nganquma ukuba ngihambe njengesithunywa sevangeli kubahedeni. Kodwa ekufeni kukababa wami kwafanela ukuba ngisebenze kwibhizinisi lakhe ukuze ngondle umndeni. Manje, esikhundleni sokuzihambela mina, ngixhasa isithunywa sevangeli. Kwidolobha elinjalo, kwisifunda saseChina, kulapho isisebenzi-sami simiswe khona. Futhi, ngisho nanxa ngilele, mina, ngisasebenzela uKristu ngommeli wami."-*Testimonies to the Church,* vol. 6, pp. 29, 30.

"Manje ukudlula ngaphambili yisikhathi sokubeka imali ebhange laseZulwini ngokwenzaaa umsebenzi wamasimu emhlabeni. Angeke kubelula, futhi kamuva kungaba semva kwesikhathi. Imiphefumulo iyabhubha ingenaye uKristu kanye neqiniso lanamuhla, neNkosi ibeke phezu kwethu ukukhanya okuyigugu okufanele kusakazwe emhlabeni wonke.

Ngiyacela ukuba niphe ngesihle, kwangathi iNkosi inganibusisa ngokunothile kanye nesipho senu. Ngiyabonga!

*Kwigatsha leSabbath School kwiGeneral Confere*

ISABATHA, NHLABA 25, 2025 ISIFUNDO 5

# "Nami Angikulahli"

**IVESI LEKHANDA: "Nami angikulahli: hamba ungabe usona"(Johane 8:11 isigaba sokugcina).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies to the Church,* vol. 2, pp. 73-77.

"Uthando loMkrestu luyephuza ukuthukuthela, luyashesha ukuqonda ukuzisola, lulungele ukuthethelela, ukukhuthaza, ukubeka ozulayo endleleni yobungcwele, futhi lumise izinyawo zakhe kuyo."-*The Desire of Ages,* p. 462.

## 1. UGIBE OLUBEKELWE U-JESU — NgeSonto, Mbasa 27

**a. Ngesikhathi uJesu efundisa ethempelini, ababhali nabaFarisi kuyini abakwenzayo-na? Johane 8:2-3.**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"UKristu waphazanyiswa masinyane. Ixuku labaFarisi nababhali lasondela Kuye, lihudula kanye nabo owesifazane oshaywe uvalo, lowo ngokuqinile, belangazela ngamazwi ukumbeka icala lokweqa umthetho wesikhombisa."-*The Desire of Ages*, p. 460.

**b. Bebonisa inhlonipho enkulu nesobala ngomthetho, mbuzo muni abaFarisi abawuletha kuKristu-futhi kuyini ababekuqondile ngempela-na? Johane 8:4-6 (isigaba sokuqala).**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"Ukuhlonipha kwabo kokuzenzisa kwemboza icebo lokucekela phansi elijulile Ngaye. Babamba lethuba ukuvikela ukulahlwa Kwakhe, becabanga ukuthi noma yisiphi isinqumo angasenza, bazothola ithuba lokuMmangalela. Uma kufanele owesifazane abekwe icala, udelela umthetho kaMose. Uma kufanele amemezele ukuthi ufanelekile, uzosolwa ngamaRoma njengomuntu ocabanga ngegunya kuphela elingelabo."-Ibid., pp. 460, 461.

**a. UJesu waphendula kanjani emangeni wabaFarisi-na? Johane 8:6 (isigaba sokugcina).**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"UJesu wabheka okwesikhashana isehlakalo-somutu ohlushwayo ethuthumela ehlazweni lakhe, izikhulu ezinobuso obuqinile, ezingenaso isihawu somuntu. Umoya Wakhe ohlanzekile ongenasici wawunolwazi lokuthi kungani lelicala lilethwe Kuye. Wafunda izinhliziyo, ubenolwazi lomlando wokuphila komuntu wonke ophambi Kwakhe. Laba bekufanele babe ngabalondolozi bobulungiswa ngokwabo baholela isisulu sabo esonweni, ukuze babekele uJesu ugibe. Engabaniki isibonakaliso sokuthi uzwile umbuzo wabo, Wasukuma, egxilisa amehlo Akhe phansi, waqala ukubhala emhlabathini."-*The Desire of Ages,* p. 461.

**b. UJesu wabonisa kanjani ukuthi abamangaleli ngokwabo babenesono-futhi kuyini abakwenza ngalesosikhathi-na? Johane 8:7-9.**

____________________________________________________________________________

"Abamangaleli base behluliwe. Manje, isambatho sabo sokuzenzisa okungcwele sisuwe kubo, bema, benecala futhi belahliwe, phambi kokuHlanzeka Okungapheli. Bathuthumela funa ububi obufihliwe bezimpilo zabo bungabekwa obala phambi kwesixuku; futhi ngabanye, ngamakhanda athotshisiwe nangamehlo abheke phansi, bahamba, beshiya lowo abambeka icala nomMsindisi onozwelo."-Ibid.

**c. Ngokuvamile, kuyini esingakufunda ngamazwi kaJesu kubamangaleli Bakhe-na? Luka 6:42.**

____________________________________________________________________________

"Kukhona labo abasebancane kwizifiso zabo zokulungisa izinto kubo ezibonakala ziyiphutha. Bacabanga ukuthi kufanele bakhethwe ukuba bathathe indawo yalabo abenze amaphutha. Babukela phansi umsebenzi owenziwe yilezisebenzi kuyilapho abanye bababheka futhi babagxeke. Ngezenzo zabo bathi: 'Ngingenza izinto ezinkulu. Ngingaqhubekisela phambili umsebenzi ngempumelelo.' 'Kulabo abacabanga ukuthi bazi kakhulu ukuze bagweme amaphutha, Ngiyaliwe ukusho kubo ukuthi: 'Ungahluleli, ukuze nawe ungahlulelwa.' Mathewu 7:1. Ungakwazi ukugwema ukwenza amaphutha komunye umcijo, kodwa ezinye izinto unakho ukwenza amaphutha anzima kakhulu, okuzobanzima kakhulu ukuwelapha futhi azoletha isiphithiphithi emsebenzini. Lamaphutha angenza okubi kakhulu kunalawo enziwe abazalwane bakho."-*Testimonies for the Church,* vol. 7, p. 279.

## 3. ISENZO ESINGALINDELWE — Ngolwesibili, Mbasa 29

**a. Mbuzo muni uJesu awuletha kowesifazane emva kokuba abamangaleli behambile-futhi indlela Yakhe yokubhekana nalesimo yathinta kanjani ukuphila kowesifazane-na? Johane 8:10, 11.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Owesifazane wema phambi kukaJesu, egcwele ukwesaba. Amazwi Akhe, 'Ongenasono phakathi kwenu kaqale amphonse ngetshe,' kuyena ezwakala njengonqunyelwe ukufa. Akazange abhekise amehlo akhe ebusweni boMsindisi, kodwa ngokuthula walindela isijeziso sakhe. Ngokumangala wabona abamangaleli bakhe behamba ngokuthula futhi bejabhile; ngakho-ke lawomazwi ethemba awela ezindlebeni zakhe, 'Nami angikulahli; hamba, ungabe usona.' Inhliziyo yakhe yancibilika, futhi, wazilahlela ezinyaweni zikaJesu, wakhipha uthando lwakhe lokubonga futhi ngezinyembezi ezibabayo wavuma izono zakhe.

"Lesi kuyena bekuyisiqalo sempilo entsha, ukuphila okuhlanzekile nokuthula, othembekile kuNkulunkulu. Ekuphakamiseni umphefumulo owileyo, uJesu wenza isimangaliso esikhulu kunokwelapha isifo esinzima kakhulu somzimba; welapha ukugula kwesimoya esingukufa ingunaphakade. Owesifazane ophendukile waba ngomunye wabalandeli Bakhe abaqinile. Ngothando lokuzidela nokukhonza wabonisa ukubonga kwakhe umusa Wakhe othethelelayo. Ngowesifazane onephutha umhlaba unendelelo futhi uyaklolodela, kodwa Lowo Ongenasono wazwelana naye ebuthakathakeni futhi welulela kuye isandla esisizayo. Lapho baFarisi abazenzisayo bemlahla, uJesu wathi kuye, 'Hamba, ungabe usona.'"-*The Ministry of Healing,* p. 89.

"Ngesenzo Sakhe sokuthethelela lona wesifazane nokumkhuthaza ukuthi aphile impilo engcono, isimilo sikaJesu sikhanya ebuhleni bokulunga okuphelele. Yize engathambisi isono, noma anciphise umuzwa waso, akafuni ukulahla, kodwa ukusindisa. Umhlaba ngalona wesifazane unendelelo futhi uyaklolodela kuphela; kodwa uJesu ukhuluma amazwi enduduzo nethemba."-*The Desire of Ages*, p. 462.

**b. Chaza umphumela womusa kaKristu osindisayo. Luka 7:37-41, 47, 48.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"UJesu uyazazi izimo zomphefumulo ngamunye. Lapho icala lesoni lilikhu, yilapho edinga kakhulu uMsindisi. Inhliziyo Yakhe yothando olungcwele nozwelo idonswa ngabaningi kulowo obanjwe ngokungenathemba ogibeni lwesitha. NgeLakhe igazi wasayina amaphepha enkululeko yesizwe."-*The Ministry of Healing,* p. 89, 90.

## 4. UKUDUDUZEKA KWABO BONKE — Ngolwesithathu, Mbasa 30

**a. Kuyini okufanele kubonise isimo sethu sengqondo, ikakhulukazi ngokuphathelene nabanye-futhi lokhu kungenzeka kuphela kanjani-na? 2 Korinte 1:3-5.**

________________________________________________________________________________

"Izimeko zinokuncane ezingakwenza ngamava omphefumulo. Kungenxa yomoya othokozelwayo onikeza umbala kuzo zonke izenzo zethu. Umuntu onokuthula noNkulunkulu nabazalwane bakhe angeke adangaliswa. Umona angeke wabakhona enhliziyweni yakhe; ukucabangela okubi angeke kwathola indawo lapho; inzondo angeke ibekhona. Inhliziyo evumelana noNkulunkulu iphakanyiselwa ngaphezu kokucanuka nezilingo zalokuphila."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 488.

"Bekungenxa yokuhlupheka uJesu athola ngayo imfundiso yokuthula. Ngokuhlupheka koluntu lonke Naye uyathinteka; futhi 'Ngokuba lokhu wahlupheka uqobo elingwa, unamandla okusiza abalingwayo.' Isaya 63:9; Heberu 2:18. Kulemfundiso wonke umphefumulo ongena ebudlelwaneni bokuhlupheka Kwakhe unelungelo lokwabelana."-*Thoughts from the Mount of Blessing*, p. 13.

**b. Chaza ithemba elingavamile kanye nelungelo esinalo lokulandela ezinyathelweni zikaKristu. 2 Korinte 1:6, 7.**

________________________________________________________________________________

"Uma ungenamuzwa wokuthi kuludumo ukuba ngumhlanganyeli wezinhlupheko zikaKristu; uma ungazizwa unomthwalo womphefumulo olungele ukufa; uma ungavumi ukunikela ukuze ubeke imali yomsebenzi okumele wenziwe, angeke kwabakhona indawo yakho embusweni kaNkulunkulu. Sidinga ukuba ngabahlanganyeli noKristu ekuhluphekeni Kwakhe."-*Testimonies for the Church,* vol. 9, pp. 103, 104.

**c. Chaza ubunjalo obudingeka kakhulu phakathi kwamakholwa ngaphansi kwesigijimi sezingelosi ezintathu. 1 Korinte 13:13, 4-8.**

________________________________________________________________________________

"Izimpawu ezidingeka kakhulu ukuba zithokozelwe abantu bakaNkulunkulu abagcina umthetho banakubekezela futhi banesineke, ukuthula nothando. Lapho uthando luntuleka-khona, ukulahlekelwa okungenakubuyiselwa kuyaqhubeka."-Ibid., vol. 6, pp. 398.

## 5. UKUBUYISWA OKUNOTHANDO **Ngolwesine, Nhlaba 1**

**a. Amakholwa eqiniso kuyini azokwenza uma umKrestu ewela esonweni-ngokuphambene nalokhu amakholwa anenhliziyo yamanga avame ukwenzani-na? Galathiya 6:1-3; Roma 15:1-3.**

"Gcina enqondweni ukuthi umsebenzi wokubuyisela kufanele ube ngumthwalo wethu. Lomsebenzi akumele wenziwe ngokuzidla, ngokuxhamazela, nangendlela yobungcwethi. Ungasho ukuthi, ngendlela yakho, unamandla, futhi uzowasebenzisa, bese uthulule ukumangalela kulowo owenza iphutha. Yenza ukubuyisana kwakho ngomoya omnene, wokuzicabangela, funa nawe ulingwe. Umsebenzi obekwe phambi kwethu ukwenzela abafowethu kungesikho ukubabekela eceleni, kungesikho ukubacindezela ukuba badangale noma sibadele ngokuthi: 'Ungiphoxile, futhi angeke ngizame ukukusiza.' Lowo ozibeka ngokwakhe njengogcwele ukuhlakanipha namandla, futhi edonsela phansi lowo ocindezelwe nohluphekile odinga usizo, abonise umoya wabaFarisi, azemboze ngengubo yesithunzi azenzele yona. Ngomoya wakhe ubonga uNkulunkulu ukuthi akafani nabanye abantu, ecabanga indlela yakhe njengefanele ukudunyiswa nokuthi unamandla kakhulu ukuba angalingwa. Kodwa 'uma umuntu ecabanga ukuthi unotho, engelutho, uyazikhohlisa."- *Testimonies for the Church,* vol. 6, p. 398, 399.

"Akasiye umlandeli bakaKristu lowo, ngamehlo agwemayo, afulathele owonile, abayeke bengenazithiyo zokuphishikela indlela yabo ephansi. Labo abaphambili ekumangaleleni abanye, futhi beshisekela ukubaletha ekulungisweni, ngokuvamile izimpilo zabo zinecala kunabo. Abantu bazonda isoni, kuyilapho bethanda isono. UKristu uzonda isono, kodwa uyasithanda isoni. Lona uzoba ngumoya wabo bonke abaMlandelayo. Uthando lomKrestu luyephuza ukuthukuthela, futhi luyashesha ukubona ukuphenduka, lulungele ukuthethelela, ukukhuthaza, ukubeka odukayo endleleni yobungcwele, nokugcina izinyawo zakhe kuyo."- *The Desire of Ages,* p. 462.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE **NgoLwesihlanu, Nhlaba 2**

1. **Chaza ugibe ababhali nabaFarisi abalulungisela uJesu.**
2. **AmaJuda angabazenzisi abonisa kanjani ukuhlonipha kwabo umthetho-na?**
3. **Kuyini amaJuda amangalela owesifazane aphoqeleka ukuba akuvume ngabo-na?**
4. **Chaza ithemba elanikezwa owesifazane owonile owaphathwa kabi.**
5. **Ngingafana kanjani noJesu uma ngibhekene nemiphefumulo eyonayo-na**

# UJesu, Ukukhanya Kwezwe

**IVESI LEKHANDA: "Ngakho uJesu waphinde wakhuluma kubo wathi: Mina ngingukukhanya kwezwe; ongilandelayo kasoze ahamba ebumnyameni, kodwa woba nokukhanya kokuphila " (Johane 8:12).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 1, pp. 405-409.

"Njengoba inyanga nezinkanyezi zesimiso sethu sokuzungeza ilanga kukhanye ngokubonakala kwelanga elibengezelayo, kanjalo, ngokuqondene nezimfundiso zazo, ingabe izihlakaniphi zomhlaba zibonisa imisebe yeLanga Lokulunga. Konke ukubengezela komcabango, konke ukubanika kobuhlakani, kuvela ekuKhanyeni komhlaba."-*Education,* p. 14.

## 1. EKHUMBULA INDALO — NgeSonto, Nhlaba 4

**a. UNkulunkulu kuyini akudala ngosuku lokuqala-na? Genesis 1:3-5.**

________________________________________________________________________

"Ezwini lokudala ekuqaleni, ukukhanya kwakhanya ebumnyaneni."-*Desire of Ages,* p. 464.

**b. Ngubani owayekhona ekudalweni komhlaba, hhayi njengombukeli kuphela, kodwa njengomhlanganyeli okhuthele-na? Genesis 1:1, 2; Johane 1:1, 2; Kolose 1:16.**

________________________________________________________________________

"Ekuqaleni, uNkulunkulu wembulwa kuyo yonke imisebenzi yokudala. NguKristu owandlala amazulu, wabeka izisekelo zomhlaba…Nguye owagcwalisa umhlaba ngobuhle, nomoya ngengoma. Futhi phezu kwazo zonke izinto ezisemhlabeni, emoyeni, nasesibhakabhakeni, wabhala umlayezo wothando lukaBaba."-*Desire of Ages,* p. 20.

"Isandla esiqinile esisekela umhlaba emkhathini, isandla esibambe ukuhlelwa kwazo futhi sisebenza ngokungakhathali zonke izinto emhlabeni wonke kaNkulunkulu, yisandla esabethelwa esiphambanweni ngenxa yethu."-*Education,* p. 132.

**a. Baholwa kanjani abantwana bakwa-Israyeli ehlane-na? Eksodusi 13:21, 22. Chaza ubukhona obumbozwe yinsika yefu nensika yomlilo-na? Eksodusi 13:21 (isigaba sokuqala); 1 Korinte 10:1-4.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ekubonakalisweni kukaNkulunkulu kubantu Bakhe, ukukhanya kulokhu kuluphawu lobukhona Bakhe. Ezwini lokudala ekuqaleni, ukukhanya kwaboniswa ebumnyameni. Insika yokukhanya yayisibekelwa yinsika yefu emini nensika yomlilo ebusuku, ihola impi enkulu yakwa-Israyeli."-*The Desire of Ages,* p. 464.

**b. Kuyini okulotshiwe ngobukhona bukaKristu noIsrayeli ehlane, nokuthi yisiphi isivikelo uNkulunkulu asithembisa abantu Bakhe-na? Amahubo 105:39; Isaya 4:5, 6.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Kwenye yeziqephu ezinhle neziduduzayo zesiprofetho sikaIsaya, kubhekiswa ensikeni yefu nasensikeni yomlilo ukuze kufanekise ukunakekela kukaNkulunkulu abantu Bakhe ngomzamo omkhulu wokugcina wokulwa namandla obubi."-*Patriachs and Prophets,* p. 283.

**c. UKristu wazembula kanjani eSinayi-futhi uMose nabantu bakhe baphendula kanjani-na? Exodusi 19:16-18; 20:18, 19; Heberu 12:21.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Inkazimulo kaJehova yayinjengomlilo oqothulayo esiqongweni sentaba phambi kwamehlo esixuku esasibuthene….zazesabeka kakhulu izimpawu zobukhona bukaJehova kangangoba inhlangano yakwaIsrayeli yathuthumela ngokwesaba, yawela phansi ngobuso phambi kukaJehova."-*Patriachs and Prophets,* p. 304.

"Kwakukhazimula kakhulu ukwambulwa kobukhona [bukaKristu] kangangokuthi kwakungenakumelwa ngumuntu ofayo. UMose, owaphiwa umusa omkhulu kangaka, wababaza, 'Ngiyesaba kakhulu futhi ngiyathuthumela, kepha uNkulunkulu wamqinisa ukuba abekezelele lenkazimulo, enkulu kangaka, nokuletha ukukhanya kwakhe ebusweni bakhe okuvela entabeni, ukuze abantu bangabe besayibheka ngokuqinile."-*Sons and Daughters of God,* p. 225.

**a. UKristu wabonisa kanjani ubukhona Bakhe etabanakeleni-na? Eksodusi 40:34, 35.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ngentakazelelo eshisekelayo isixuku sakwaIsrayeli sahlangana ndawonye ukubheka isakhiwo esingcwele. Lapho besazidla ngesakhiwo nangenhlonipho enelisayo, insika yefu yasibekela ithende lokuhlangana futhi, inkazimulo kaJehova yagcwalisa itabanakeli.' Kwabonakala inkazimulo engcwele, futhi ngaleso sikhathi uMose wayengenakungena. Ngosizi olujulile abantu babona uphawu lokuthi umsebenzi wezandla zabo wamukelekile. Bewungekho umbukiso onomsindo wenjabulo. Ukwesaba okunesizotha kwahlala phezu kwabo bonke. Kodwa ukuthokoza enhliziyweni yabo kwaphuphuma ngezinyemmbezi zenjabulo, behlokomela phansi, ngamazwi aqotho okubonga ukuthi uNkulunkulu uzikhothamisile wahlala phakathi kwabo."-*Patriachs and Prophets,* pp. 349, 350.

"Ngaphezu kwesihlalo somusa kukhona iShekina, ebonakalisa uBukhona obungcwele; futhi phakathi kwamaKherubimi, uNkulunkulu ubezwakalisa intando Yakhe. Umyalezo ongcwele ngezinye izikhathi wawufinyelela kumpristi omkhulu ngezwi elivela efwini. Ngezinye izikhathi ukukhanya kwakuwela phezu kwengelosi esesandleni sokudla, okubonisa ukuvuma noma ukwamukelwa, bese kuba ithunzi noma ifu elihlala phezu kwalelo elisesandleni sokunene ukubonisa ukungemukelwa noma ukwenqatshwa. Ibid.

**b. Kuyini okwenzeka kamuva, lapho itabanakeli lingcweliswa-na? 2 Izikronike 7:1.**

____________________________________________________________________________

"Itabanakeli elihle kakhulu lakhiwa, ngokuya ngomfanekiso owaboniswa uMose entabeni, futhi emva kwalokho wanikezwa nguJehova kuDavide. Itabanakeli lasemhlabeni lenziwa lafana nelasezulwini. Ngokwengeza kumakherubim phezu komphongolo, uSolomoni wenza ezinye izingelosi ezimbili ezinkulu ngesilinganiso, zimi ekupheleni komphongolo zifanekisa izingelosi zasezulwini kaningi ezivikela umthetho kaNkulunkulu. Awusoze wakwazi ukuchaza ubuhle nobukhazikhazi betabanakeli. Kukhona, njengasetabanakeleni, umphongolo ongcwele owawuthwala ngesizotha, ngohlelo olunenhlonipho, ubekwe endaweni yawo ngapahansi kwamaphiko amakherubim amabili ayemi phansi.

"Abahlabeleli abangcwele bahlanganisa amaphimbo abo, ngazozonke izinkenenezo zomculo, babeletha udumo kuNkulunkulu. Lapho amaphimbo evumelana, ngezinkenenezo zomculo, uduma oluvela ethempelini, futhi wathwala ngumoya eJerusalema lonke, ifu lenkazimulo kaNkulunkulu yagcwalisa indlu, njengoba ngaphambili yagcwala itabanakeli. 'Kwathi lapho abapristi sebephumile endaweni engcwele, ifu lagcwalisa indlu kaJehova, ukuze abapristi bangemi ukukhonza ngenxa yefu, ngokuba inkazimulo kaJehova yagcwala indlu kaJehova'"-*Spiritual Gifts,* vol. 4a, pp. 113, 114.

## 4. UKUKHANYA KWEVANGELI **Ngolwesithathu, Nhlaba 7**

**a. Yimuphi umyalezo kaKristu kuJohane 8:12 osilethela ithemba elikhulu-na?**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Kwakungezona izazi zezenkolo ezazinokuqonda leli-qiniso, futhi zihlanganyele ekulimemezeleni. Uma labalindi babethembekile, ngokuhlakanipha nokukhuleka behlola iMibhalo, bebazosazi isikhathi sasebusuku; iziprofetho ngabe zabembulela izehlakalo ezizokwenzeka. Kodwa abazange bangena kulesikhundla, futhi isigijimi sanikezwa amadoda athobekile….Labo abasuka ekukhanyeni uNkulunkulu abanike kona, noma labo abanganaki ukukufuna kusatholakala, bazoshiywa ebumnyameni."-*The Great Controversy,* p. 312.

"UJehova wenzile amalungiselelo wonke ukuze sibenamava anothile, avamile, nanenjabulo. UJohane ubhala maqondana noKristu, uthi, 'Ukuphila kwakuKuye; ukuphila kwakungukukhanya kwabantu.' Ukuphila kuhlanganiswa nokukhanya, futhi uma singenakho ukukhanya okuvela kwiLanga lokuLunga, angeke-saba nokuphila Kuye. Kodwa lokukhanya kulungiselelwe wonke umphefumulo, futhi kuphela uma sisuka ekukhanyeni ubumnyama buza phezu kwethu. UJesu uthi, 'Ongilandelayo kasoze ahamba ebumnyameni, kodwa woba nokukhanya kokuphila.' Emhlabeni osizungezile akusoze kwabakhona ukuphila ngaphandle kokukhanya. Uma ilanga belingasusa ukukhazimula kwalo, zonke izitshalo, konke ukuphila kwezilwane, bekuzophela noma bezizofa. Lomfanekiso umqondo wayo ukuthi angeke sibe nokuphila kwesimoya ngaphandle kokuthi sizibeke ngaphansi kweLanga lokuLunga. Uma sibeka isitsha sembali endaweni emnyama, izobuna masinyane futhi ife; kanjalo nathi singaba nokuphila kwesimoya, futhi silahlekelwe yikho ngokuhlala emkhathini wokungabaza nokuhwaqabala."-*Sons and daughters of God*, p. 281.

**b. Yisiphi isiqiniseko esiza lapho siphendukela kuJesu-na? 2 Korinte 3:18**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Njengoba izimbali zibheka ilanga lapho imisebe yokukhanya ingasiza ukuphelelisa ubuhle bazo nokufana, kanjalo abalandeli bakaKristu babheka iLanga lokuLunga, ukuthi ukukhanya kwasezulwini kungakhanya kubo, kuphelelise izimilo zabo, zibanike amava ajulile nahlala kade ezintweni zikaNkulunkulu. Kungaphezu kwamandla ethu ukwamukela izibusiso ezilethwa kithi ngoKristu, uma sizohlanganisa imizamo yobuntu bethu nomusa ongcwele."-Ibid., p. 431.

"Noma ngubani ofuna ukwenza intando kaNkulunkulu ngenhloso eyodwa, elalela ngobuqotho ukukhanya okunikeziwe, uzothola ukukhanya okukhulu, kulowo mphefumulo inkanyezi ethile yokukhazimula kwasezulwini izothunyelwa ukuba imholele kulo lonke iqiniso."-*The Great Controversy,* p. 312.

## 5. OKUKHANYA EZINHLIZIYWENI ZETHU — Ngolwesine, Nhlaba 8

**a. Singaphakanyiswa kanjani amazwi kaPawule akhuthazayo maqondana nokukhanya kwezwe-na? 2 Korinte 4:6.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"Vumela imicabango emihle ngoNkulunkulu igcwalise ingqondo yakho. Ukuphila kwakho makuhlanganiswe ngokuxhumana okufihlakele ekuphileni kukaJesu. Lowo owayaleza ukukhanya ukuba kukhanye ebumnyameni uyathanda ukukhanyisa enhliziyweni yakho, ukuze anikeze ukukhanya kolwazi lwenkazimulo kaNkulunkulu ebusweni bukaJesu Kristu. Umoya Ongcwele uzothatha izinto zikaNkulunkulu akukhombise zona, njengamandla aphilayo enhliziyweni elalelayo. UKrestu uzokuholela emnyango wongaPheliyo. Ungahle ubone inkazimulo engaphezu kweveyili, futhi yembule kubantu ukugcwala Kwayo owake wakuthola ukwenza ukulamula ngenxa yethu."-*Christ's Object Lessons,* p. 149.

"Ukwembulwa kwenkazimulo Yakhe ngesimo somuntu izoletha izulu eduze kakhulu kubantu ukuthi ubuhle obuhlobisa ithempeli elingaphakathi buzobonakala kumphefumulo ngamunye lowo uMsindisi ahlala kuyo. Abantu bazokhangwa inkazimulo kaKristu ohleziyo. Futhi ngemisinga yokudumisa nokubonga okuvela kwimiphefumulo ezuzelwa kuNkulunkulu, inkazimulo izogeleza ibuyele kuMuphi omkhulu.

"'Vuka, ukhanye; ngokuba ukukhanya kwakho kuyeza; inkazimulo kaJehova iphumela phezu kwakho.' Isaya 60:1. Kulabo abaphuma ukuhlangabeza uMyeni lomyalezo unikeziwe. UKristu uyeza ngamandla nangenkazimulo enkulu. Uza ngenkazimulo Yakhe nangenkazimulo kaYise. Uza nezingelosi zonke ziNaye. Lapho umhlaba wonke ucwile ebumnyameni, kuzoba khona ukukhanya lapho kuhlala abangcwele. Bazobamba ukukhanya kokuqala ekubonakaleni Kwakhe okwesibili. Ukukhanya okungenachashaza kuzokhanya ebucwazicwazini Bakhe, uKristu umhlengi uzothokozelwa yibo bonke abathe bamsebenzela. Lapho ababi bebaleka ebukhoneni Bakhe, abalandeli bakaKristu bazojabula."-Ibid., pp. 420, 421.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Nhlaba 9

1. **IBhayibheli lifundisa kanjani ngobuNkulunkulu emsebenzini wokudala-na?**
2. **Chaza ukuthi uJesu wazembula kanjani kubantu Bakhe ehlane.**
3. **Ukukhanya kukaKristu kwakhazimula kanjani kwitabanakeli kanye nethempeli-na?**
4. **Chaza ukuthi uJesu wazibonakalisa kanjani ngoKwakhe ekunikelweni kwethempeli.**
5. **UKristu wazembula kanjani kithi futhi nangathi-na?**

**ISABATHA, NHLABA 17, 2025** **Isifundo 7**

# Ukukhanya Kwenqantshiwe-noma Kukhazimuliswa

**IVESI LEKHANDA: "UJehova ungukukhanya kwami nensindiso yami; ngizakwesaba-bani-na?" (Amahubo 27:1).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church*, vol. 7, pp. 18-28.

"UKristu unguku 'Khanya, okukhanyisa wonke umuntu ozayo emhlabeni.' Njengalokhu ngoKristu wonke umuntu unokuphila, kanjalo futhi Ngaye wonke umphefumulo wamukela umsebe othile wokukhanya kwaphezulu."-*Education,* p. 29.

## 1. UKUKHANYA OKUPROFETHIWE — NgeSonto, Nhlaba 11

**a. Kungayiphi indlela uMoya Ongcwele ubhekiswa kuJesu ngoIsaya-na? Isaya 49:6.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

**b. USimeyoni wamveza kanjani uJesu lapho elethwa ethempelini ukuba lingcweliswe-futhi lokhu kufanele kusenze sicabangeni-na? Luka 2:32.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"USimeyoni osekhulile, ethempelini lapho uKristu ebefundisa khona, wakhuluma Ngaye 'njengokukhanya okwembulela abeZizwe, nenkazimulo yesizwe Sakho uIsrayeli.' Luka 2:32. Kulamazwi wakhomba yena isiprofetho esifanayo kuIsrayeli wonke. Ngomprofethi uIsaya, uMoya Ongcwele uthi, 'Kuyinto elula ukuba ubeyinceku yami ukuvusa izizwe zakwaJakobe, nokubuyisa abaseleyo bakwaIsrayeli: ngalokho ngiyakukubeka ube ukukhanya kwabeZizwe, ube yinsindiso yami kuze kube semkhawulweni womhlaba.' Isaya 49:6, R.V. Lesiprofetho sasiqondakala ngokuvamile njengoba sikhuluma ngoMesiya, futhi lapho uJesu ethi, 'Ngingukhanya kwezwe,' abantu babengeke behluleke ukukhumbula izimfuno Zakhe ukuthi unguLowo Othenjisiwe."-*The Desire of Ages,* p. 465.

"Maye, isifundo esinjani sendaba emangalisayo yaseBethlehema, ukuthi sikhuza kanjani ukungakholwa kwethu, ukuzidla kwethu nokuphelela kwethu. Isixwayisa kanjani ukuba siqaphele, funa ngokunganaki kwethu kobugebengu sehluleke ukuhlukanisa izibonakaliso zezikhathi, ngakho-ke asilwazi usuku lokuhanjelwa kwethu."-*The Great Controversy,* p. 315.

## 2. UKUKHANYA OKWENQATSHIWE NgoMsombuluko, Nhlaba 12

**a. Abaholi bamaJuda basabela kanjani emsebenzini kaKristu-na? Johane 1:11; 8:13.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"Impilo yonke nezimfundiso zikaKristu bekuyizifundo eziqhubekayo zokuzithoba, ubumnene, ukusiza, nokuzidela. Lokhu bekungukusola okuqhubekayo kulabo abathi balungile, becindezela umoya olukhuni owabonakaliswa ngamaJuda. USathane wabahola kwaze kwaba sengathi bayaphithizela uma kukhulunywa nje ngemisebenzi emangalisayo kaKristu, leyo edonsela ukunaka kwabantu kude nabo. Ekugcineni bakholelwa ukuthi ungumkhohlisi, futhi babeceba noma ngayiphi indlela ukumqeda futhi kwakuzoba kuhle kubo."-*Spiritual Gifts*, vol. 4a, p. 117.

**b. Iyiphi incazelo ecacile uJesu ayinikeza abaFarisi abangakholwa, nokho baphendula kanjani-na? Johane 8:14-18.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"[AbaFarisi] babengenalwazi ngesimilo [sikaKristu] esingcwele nangomsebenzi Wakhe ngoba bengahlolanga iziprofetho ezimaqondana noMesiya, njengoba bekuyilungelo labo nomsebenzi ukwenza lokho. Babengenakho ukuxhumana noNkulunkulu kanye neZulu, ngakho-ke abazange baqonde umsebenzi woMsindisi emhlabeni, futhi, noma sebethole ubufakazi obudelisayo bokuthi uJesu unguMsindisi, kodwa benqaba ukuvula izingqondo zabo ekuqondeni. Ekuqaleni babeka izinhliziyo zabo ukumelana Naye, futhi benqaba ukukholwa ubufakazi obunamandla bobungcwele Bakhe, futhi, umphumela walokho, izinhliziyo zabo zakhula ngokuqina baze bazimisela ukuthi bangakholwa Nguye noma baMamukele."-*The Spirit of Prophecy,* vol. 2, pp. 354, 355.

**c. Yimuphi umehluko ophawulekayo uJesu asho ukuthi ukhona phakathi Kwakhe nabaFarisi abangakholwa-na? Johane 8:19-23.**

**d. Kuyini okuzoba umphumela obulalayo wokulahlwa kwababusi bamaJuda ngokwenqaba uKristu-na? Johane 8:24; Mathewu 23:38.**

**a. Ngemva kokuxwayiswa ukuthi bangafela ezonweni zabo, kuyini abaFarisi abakufuna kuJesu-futhi kungani-na? Johane 8:25 (Isigaba sokuqala).**

________________________________________________________________________

"Babebonakala sengathi abawanaki amazwi Akhe, base bethi Kuye, 'Wena ungubani-na?' Babezimisele ukumphoqa ukuthi asho ngoKwakhe ukuthi unguKristu. Ukubonakala Kwakhe nomsebenzi Wakhe kwakwehlule kakhulu kunalokho okulindelwe ngabantu, ngangokuthi, njengoba izitha Zakhe ezinobuqili zazikholelwa, kwisimemezelo esiqondile sokuthi unguMesiya kuzobangela Yena ukuba enqatshwe njengomkhohlisi."-*The Desire of Ages,* p. 465.

**b. Wabaphendula kanjani uMsindisi-eveza ukuxhumana Kwakhe okumangalisayo noYise-na? Johane 8:25 (isigaba sokugcina), 26-29.**

________________________________________________________________________

"UKristu akazange nakanye achezuke ekuthembekeni kwizimimiso zomthetho kaNkulunkulu. Akazange enze okuthize okuphambene nentando kaBaba Wakhe. Phambi kwezingelosi, abantu namademoni babekwazi ukukhuluma amagama avela kunoma yiziphi izindebe okungaba ukuhlambalaza: 'Ngokuba ngenza njalo okuthandeka Kuye.' Johane 8:29. Usuku nosuku izinyanga ezintathu izitha Zakhe zazimlandela, zizama ukuthola ibalana esimilweni Sakhe. USathane, neqeqeba lonke lababi, babezama ukuMnqoba; kodwa abafumananga lutho Kuye abangasizakala ngakho. Ngisho namademoni aphoqelelwa ukuvuma: 'UngoNgcwele kaNkulunkulu.' "-*Testimonies for the Church,* vol. 8, p. 208.

**c. Chaza ukuhamba kukaKristu nsuku zonke noYise-nokuthi kufanele sikubonise kanjani lokhu kumava ethu-na? Johane 15:10; Efesu 2:4-6.**

________________________________________________________________________

"Njengoba uJesu ubekwisimo semvelo yomuntu, kanjalo uNkulunkulu ufuna abalandeli Bakhe babenjalo. Ngamandla Akhe kufanele siphile impilo yokuhlanzeka nokuhlonipha indlela eyaphilwa nguMsindisi."-Ibid., p. 289.

"Impilo yoMsindisi emhlabeni, noma wayephila phakathi kwempikiswano, bekuyimpilo yokuthula. Lapho izitha ezithukuthele zimlandela, Wathi, 'Ongithumileyo Unami, uBaba kangishiyanga ngiNgedwa; ngoba ngenza njalo okuthandeka Kuye.' Johane 8:29. Akukho sivunguvungu somuntu noma ulaka lukaSathane olungaphazamisa ukuthula kokuxhumana okuphelele noNkulunkulu."-*Thoughts from the Mount of Blessing*, pp. 15, 16.

**a. Njengoba uKristu akhuluma amaqiniso ahlabayo kubaFarisi, amazwi Akhe athinta kanjani abalaleli abaqotho-futhi kungani lokhu kungase kusikhuthaze namuhla-na? Johane 8:30.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"UKristu wazwisisa ukuthi enze kanjani ngendlela ezolile, nehlalaniphile, futhi awenze ize amacebo abo okumletha ekulahlweni. Amazwi kaJehova ayebukhali njengomcibisholo oqonda kulo uphawu futhi alimaze izinhliziyo zabamangaleli Bakhe. Ngezikhathi zonke uma uKristu ekhuluma nabantu, noma abalaleli Bakhe bebaningi noma bebancane, amazwi Akhe ayequkethe umphumela osindisayo phezu komphefumulo wabanye babalaleli Bakhe. Akukho myalezo oke waphuma ngaphambili ezindebeni zikaKristu owalahlekayo. Lonke ilizwi alikhulumayo lalibeka ukuziphendulela phezu kwalabo abalizwileyo. Abafundisi abaletha isigijimi sokugcina somusa emhlabeni, abashumayela iqiniso ngobuqotho, abathembele emandleni kaNkulunkulu, akufanele besabe ukuthi imizamo yabo iyize. Akakho noyedwa ongathi umcibisholo weqiniso awugijimeli ukuphawula, futhi uhlabe imiphefumulo yalabo abalalele. Noma kungekho iso lomuntu elingabona ukundiza komcibisholo weqiniso, noma kungekho indlebe engezwa ukukhala komphefumulo olimele, nokho iqiniso ngokuthula livule indlela enhliziyweni. UNkulunkulu ukhuluma nomphefumulo, futhi ngosuku lokugcina lokuziphendulela abafundisi bakaNkulunkulu bazoma bephethe izindondo zomusa ohlengayo ukunikeza uKristu inhlonipho, kuLowo ofanelwe inhlonipho, Lowo obona ekusithekeni, phambi kwabantu uzoklomelisa labo abamemezele iqiniso egameni Lakhe."-*The Signs of the Times,* Nhlolanja 6. 1896.

**b. Ngaphandle kwezikhonzi, obani abanye ababusiswa ngokubonakala kokukhanya okuvela ezulwini-na? Amahubo 27:1; 147:15; Isaya 55:10, 11.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"Abantu abangabizwanga kumsebenzi wobufundisi kufanele bakhuthazwe ukuba basebenzele iNkosi ngokuya ngamakhono ahlukahlukene. Abesilisa nabesifazane abangamakhulu manje abangenzi lutho bangenza umsebenzi owamukelekayo. Ngokuthwala iqiniso balise kumakhaya abangane babo nomakhelwane, bangenza umsebenzi omkhulu benzele iNkosi. UNkulunkulu akakhethi ubuso bomuntu. Uzosebenzisa uMkrestu othobekile, nothembekile, nalapho bengawutholanga ngemfundo njengoba abanye benjalo. Abanjalo mabahlanganyele Naye emsebenzini wokungena umuzi-nomuzi. Lapho sihlezi eduze komlilo, singakwazi-uma ngokuzithoba, ngokuqaphile, nokwesaba uNkulunkulu-benze kakhudlwana ukuhlangabezana nezidingo zangempela ngemindeni kunomfundisi ogcotshiwe."-*Testimonies for the Church,* vol. *7,* p. 21.

## 5. UBUGQILA VS INKULULEKO — Ngolwesine, Nhlaba 15

**a. Kuyini uJesu akusho kumaJuda aMamukelayo-na? Johane 8:31, 32. Ngokuphambene, kuyini abangakholwa abehluleka ukubona isimo kuphela esizobenza bakhululeke esonweni-na? Johane 8:33-36.**

______________________________________________________________________________

"[AbaFarisi] babesebugqilini obesabekayo kakhulu-babebuswa umoya omubi.

"Wonke umphefumulo onqaba ukuzinikela kuNkulunkulu ungaphansi kokulawulwa amanye amandla. Akayedwa. Angakhuluma ngenkululeko, kodwa uyisigqila esibi kakhulu. Akavunyelwa ukubona ubuhle beqiniso, ngoba ingqondo yakhe ingaphansi kokulawulwa nguSathane. Kuyilapho ezithopha ngokuthi ulandela iziqondiso zokwahlulela kwakhe, ulalela intando yenkosi yobumnyama. UKristu weza ukuzogqabula izibopho zobuqgila besono emphefumulweni.

"Emsebenzini wenhlawulelo akukho ukucindezela. Awekho amandla angaphadle asetshenziswayo. Ngaphansi komfutho woMoya kaNkulunkulu, umuntu ushiywa ekhululekile ukukhetha lowo azomsebenzela. Inguquko eyenzekayo uma umphefumulo uzinikela kuKristu, kubakhona umqondo ophakeme wenkululeko. Ukuxoshwa kwesono kwisenzo somphefumulo ngokwawo. Ngeqiniso, asinawo amandla okuzikhulula ngokwethu ekulawulweni nguSathane; kodwa uma sifisa ukukhululwa esonweni, nangesidingo sethu esikhulu sizokhalela amandla angaphezu kwethu, amandla omphefumulo afaka amandla oMoya Ongcwele, futhi alalela ukunikezwa kwentando ekuphelelisení intando kaNkulunkulu.

"Isimo kuphela lapho inkululeko yomuntu ingabakhona yileso sokuba munye noKristu. Iqiniso lizonikhulula;' futhi uKristu uyiqiniso. Isono singanqoba kuphela ngokwenza ingqondo ibe buthakathaka, futhi sicekele phansi inkululeko yomphefumulo. Ukuzithoba kuNkulunkulu kungukubuyisela kuwe uqobo, ukuya enkazimulweni yeqiniso nesithunzi somuntu. 'Umthetho ungcwele, lowo esithotshiswa kuwo, 'umthetho wenkululeko.' Jakobe 2:12."-*The Desire of Ages,* p. 466.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Nhlaba 16

1. **Chaza ubukhulu bamazwi kaSimeyoni ngoJesu.**
2. **Chaza impatho yababhali nabaFarisi maqondana noJesu.**
3. **Kuyini okuzokwenzeka esizweni sakubo ngokwenqaba uJesu-na?**
4. **Ngeyiphi indlela imiphefumulo ethembekile eyaphendula ngayo kuKristu-kokubili ngalesosikhathi namanje-na?**
5. **Chaza umqondo "wenkululeko" ekukhanyeni kweVangeli leqiniso.**

**ISABATHA, NHLABA 24, 2025** **Isifundo 8**

# UJesu Kanye no-Abrahama

**IVESI LEKHANDA: "UAbrahama uyihlo wathokozela ukubona usuku lwami, walubona, wajabula" (Johane 8:56).**

**Izincwadi Ezinikeziwe:** *Christ Object Lessons,* pp. 269-271, 330-332.
*Early Writings,* pp. 149-153

"(UAbrahama wenza umthandazo oqotho ngaphambi kokufa kwakhe ukuze abone uMesiya. Futhi wambona uKristu."-*The Desire of Ages,* p. 468.

## 1. AMADODANA KA-ABRAHAMA — NgeSonto, Nhlaba 18

**a. Kuzisho kuni abaFarisi ababekuphinda-phinda-na? Johane 8:33 39 (isigaba sokuqala). Nokho yini efakazela ukuhlangana okunjalo-na? Johane 8:39 (isigaba sokugcina), 56; Roma 9:6-8.**

______________________________________________________________________________

"AbaFarisi bazisho ngokwabo ukuthi bangabantwana bakaAbrahama. UKristu wabatshela ukuthi lokhu kuzisho kungafakazelwa kuphela ngokwenza imisebenzi kaAbrahama. Abantwana beqiniso bakaAbrahama bazophila, njengoba yena aphila, ukuphila kokulalela uNkulunkulu. Angeke bazame ukubulala Lowo okhuluma iqiniso anikwa lona nguNkulunkulu. Ukuceba uzungu olumelene noKristu, orrabi bebangenzi umsebenzi kaAbrahama. Ukuzisho nje ukuthi uyinzalo kaAbrahama bekungasizi ngalutho. Ngaphandle kokuxhumana kwesimoya naye, okuzobonakala ngokuba nomoya ofanayo, nokwenza imisebenzi efanayo, babengebona abantwana bakaNkulunkulu.

"Lesimiso siqukethe isisindo esifanayo phezu kombuzo okade ufundekela umhlaba wabuKrestu-umbuzo wokulandelana kwabapstoli. Ukwehla kusukela kuAbrahama kwafakazela, kungesikho ngegama noma uzalo, kodwa ngokufana kwesimilo. Kanjalo ukulandelana kwabapostoli kweyame kungesikho ukudlulisela igunya lobufundisi, kodwa ngobudlelwano besimoya. Ukuphila okuthe kwashukunyiswa ngumoya wabapostoli, inkolo nemfundiso yeqiniso abayifundisayo, lobu ubufakazi beqiniso bokulandelana kwabapostoli. Lokhu yikho okuseka abantu abathobekile abalandela abafundisi bokuqala bevangeli."-*The Desire of Ages,* p. 466, 467.

**a. Nakuba amaJuda abeyinzalo ka-Abrahama ngokwemvelo, baphenduka amadodana kabani ngempela lapho benqaba uKristu-na? Johane 8:41-44.**

______________________________________________________________________________

"UJesu waphikisa amaJuda ukuthi bangabantwana bakaAbrahama. Wathi, 'Nenza imisebenzi kababa wenu.' Ngokugcona baphendula bathi, 'Asizalwanga ngokuphinga; asinaye omunye uBaba, uNkulunkulu kuphela. 'Lawa mazwi, ayebhekiswe kwisimo sokuzalwa Kwakhe, ayehloswe ukuhlokoloza uKristu phambi kwalabo ababeqala ukukholwa Nguye. UJesu akazange akunake ukuqabatheka okunonya, kodwa wathi, uma uNkulunkulu ubenguyihlo, benizakungithanda mina: Ngoba ngiphuma futhi ngivela kuNkulunkulu.'

"Imisebenzi yabo ifakazela ubudlelwano babo kuye obengumqambi-manga nombulali. 'Nina ningabakayihlo uSathane, kusho uJesu, nithanda ukwenza izinkanuko zikayihlo. Yena wayengumbulali wabantu kwasekuqaleni, akemi eqinisweni, ngokuba iqiniso lingekho kuye. ….Kepha Mina, ngokuba ngikhuluma iqiniso, anikholwa Yimi.' Johane 8:44, 45, R.V. Umqondo wokuthi uJesu ukhuluma iqiniso, futhi ngeqiniso, yingakho wayengenakwamukelwa ngabaholi bamaJuda. Kwakuyiqiniso elalicasula amadoda anokulunga kwawo. Iqiniso lembula inkolo yamanga; lilahla ukufundisa kwabo nokwenza kwabo, futhi laliingafuneki. Babengakhetha ukuvala amehlo abo eqinisweni kunokuba bazithobe bevuma ukuthi bebasephutheni. Babengalithandi iqiniso. Babengalilfisi, yize kwakuyiqiniso."-*The Desire of Ages,* p. 467.

**b. Yini esenza sibe ngabantwana bakaAbrahama-futhi abaholi bamaJuda babonisa kanjani ukuthi babengebona abantwana bakaAbrahama ngokweqiniso-na? Galathiya 3:6-9; Johane 8:40.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"'Ngokuba anamukeliswanga umoya wobugqila ukuba nibuye nesabe; kepha namukeliswe umoya wobuntwana, esimememza ngaye sithi, Abba, Baba.' Umoya wobugqila udale ukufuna ukuphila okuhambisana nenkolo yezomthetho. Ngokuzama ukufeza izimfuno zomthetho ngamandla ethu. Likhona ithemba kithi kuphela njengoba singena ngaphansi kwesivumelwano sikaAbrahama, okuyisivumelwano somusa ngokukholwa kuKristu-Jesu. Ivangeli elashunyayelwa kuAbrahama, lelo ayenethemba kulo, bekuyivangeli elifanayo elishunyayelwa kithi namuhla, esinethemba ngalo. UAbrahama wabheka kuJesu, onguMqalisi noMphelelisi wokukholwa kwethu."-*The Youth's Instructor*, Mandulo 22, 1892.

## 3. ISIMILO SIKA-KRISTU — Ngolwesibili, Nhlaba 20

**a. Imuphi umbuzo izitha zikaJesu ezingakwazanga ukuwuphendula maqondana nesimilo Sakhe esingangcoliswanga-na? Johane 8:46 (isigaba sokuqala).**

____________________________________________________________________________

"Ekuphileni Kwakhe emhlabeni, uKristu wakhulisa isimilo esiphelele, wanikela ukulalela okuphelele imithetho kaBaba Wakhe. Ngokuza emhlabeni ngesimo somuntu, ukuze abe ngaphansi komthetho, ekwembuleni kubantu ukuthi uthwele ukugula kwabo, ukuhlupheka kwabo, icala labo, kodwa akazange abe yisoni. Ephambi kwabaFarisi wathi, 'Ngumuphi kini ongangilahla ngesono-na?' Akukho balana lesono elatholakala Kuye. Wema ngaphambi komhlaba njengeWundlu elimsulwa likaNkulunkulu."-*Sons and Daughters of God,* p. 25.

"UJesu waphila umthetho emehlweni ezulu, emehlweni amazwe angawelanga asonweni, naphambi kwabantu abanesono. Phambi kwezingelosi, phambi kwabantu, naphambi kwamademoni, wakhuluma, engaphikiswa-muntu, amazwi lawo uma ebevela kwezinye izindebe ebezoba yinhlamba: 'Ngokuba ngenza njalo okuthandeka Kuye.' "-*The Desire of Ages,* p. 467, 468.

**b. Ngaphandle kwalokho okwakhulunywa nguJesu njengeNdodana yomuntu, uMbhalo uthini ngesimilo sikaKristu-na? Heberu 4:15; 1 Peter 1:18, 19.**

____________________________________________________________________________

"Ukukholwa kwabantu kuKrestu njengoMesiya kwakungafanele kweyame kubufakazi obubonwayo, noma bakholelwe Kuye ngenxa yobuntu Bakhe obuthathekisayo, kodwa ngenxa yesimilo esihle esitholakala Kuye, engabe singatholakalanga, futhi okungakaze kwenzeka, komunye."- *SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 7, p. 904.

**c. Singathintwa kanjani impilo kaJesu-na? Filiphu 2:6-8.**

____________________________________________________________________________

"Ingabe Isibonelo sethu asinyathelanga kanzima, sazidela, sazinikela, endleleni ethobekile ngenxa yecala lethu ukuze asisindise-na? Wahlangabezana nobunzima, wabhekana nokudumazeka, futhi wahlanjalazwa futhi wahlupheka emsebenzini Wakhe wokusisindisa. Ingabe sizonqaba ukulandela lapho iNkosi yenkazimulo ithe yahola indlela-na? Ingabe sizokhononda ngobunzima nangezilingo emsebenzini wokunqoba ngenxa yethu, uma sikhumbula ukuhlupheka koMhlengi wethu-na?"-*Testimonies for the Church,* vol. 3, p. 371.

**a. Iyini inhloso yabo bonke abalandeli bakaKristu beqiniso-na? 1 Peter 1:13-16.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Umsebenzi wethu ukuba silwele ukufinyelela kwindawo yokwenza ukuphelela lokhu uKristu ekuphileni Kwakhe emhlabeni kwatholakala kuzo zonke izigaba zesimilo."-*That I May Know Him,* p. 130.

**b. Singafinyelela kanjani kulomgomo-na? Heberu 12:1-4; Galathiya 5:6 (isigaba sokugcina); Filiphu 3:12-15; 4:13.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Singafinyelela kanjani ekupheleleni okukhonjwe iNkosi yethu noMsindisi uJesu Kristu-uThishela wethu Omkhulu-na? Singahlangabezana nezimfuno Zakhe ukuze sizuze izinga eliphakeme-na? Yebo singakwazi, uKristu ngabe angasinxusanga ukuba sikwenze lokho. Ungukulunga kwethu. Ngokuzithoba Kwakhe uhambe ngaphambi kwethu wasebenza kithi ukuphelela kwesimilo. Ukuphelela kwesimilo kweyame phezu kokuthi uKristu uyini kithi. Uma seyame Kuye njalo ekufanelekeni koMsindisi wethu, sihambe emanyathelweni Akhe, sizofana Naye, sihlanzeke singangcoliswa."-Ibid.

**c. Ngempela singaba msulwa futhi singabi nasici kanjani phambi kukaNkulunkulu-na? Roma 5:18-20; Heberu 10:14.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"UKristu akaxoleli noma ngubani ngaphandle kozisolayo, kodwa lowo amthethelelayo uqala amenze ukuba azisole."-*Selected Messages,* bk. 1, pp. 393, 394.

"Isoni kufanele sibheke njalo eKhalvari; futhi ngokholo olulula lomntwana omncane, kufanele seyame ekufanelekeni kukaKristu, samukele ukulunga Kwakhe futhi sikholelwe emseni Wakhe….

"Uthando olunjani lolu-uthando olumangalisayo, nolujulile kakhulu-olwaholela uKristu ukuba asifele siseyizoni! Ingakanani ilahleko emphefumulweni oqonda izimfuno eziqinile zomthetho, futhi lowo owehluleka ukuqonda umusa kaKristu ovamile kakhulu!"-Ibid., p. 384.

## 5. UKUBA ISIMILO SETHU SIFANE NESAKHE — Ngolwesine, Nhlaba 22

**a. Singenza kanjani ukuthi ubizo nokukhethwa kwethu kuthembeke-na? 2 Peter 1:4-11; Isambulo 19:8.**

____________________________________________________________________________
____________________________________________________________________________

"UNkulunkulu ufuna namuhla lokhu abekufuna kuAdamu, ukulalela okuphelele, ukulunga okungenacala, okungenaphutha emehlweni Akhe. UNkulunkulu uyasisiza ukuba sinikele Kuye konke okudingwa umthetho Wakhe. Angeke sakwenza lokhu ngaphandle kwalolo kholo oluletha ukulunga kukaKristu kwizenzo zansuku zonke."-*Selected Messages,* bk. 2, p. 381.

"Inqobo nje uma uSathane esabusa, kufanele sinqobe umina, kunezono ezisicindezelayo okufanele sizinqobe; njengoba impilo isekhona, angeke yabakhona indawo yokumisa, alikho iphuzu esingafinyelela kulo bese sithi, ngikufumene ngokuphelele. Ukungcwaliswa kungumphumela wokulalela isikhathi eside."-*The Acts of the Apostles,* pp. 560, 561.

"Kufanele sibone ukuthi ngokukholwa Kuye kuyilungelo lethu ukuba sibe ngabahlanganyeli bemvelo engcwele, kanjalo sibalekele ukonakala okukhona emhlabeni ngezinkanuko. Kanjalo sizohlanzwa esonweni sonke, kubo bonke ubuthakathaka besimilo. Akufanele sigcine nokukodwa okuyisono….

"Njengoba sihlanganyela imvelo engcwele, okozalo nemikhuba ekhulisiwe ekwenzeni okuyiphutha kuyasuswa esimilweni, futhi senziwa amandla aphilayo okuhle. Sifunda njalo kuThishela ongcwele, nsuku zonke sihlanganyela kwimvelo Yakhe, sisebenzisana noNkulunkulu ekunqobeni izilingo zikaSathane. UNkulunkulu uyasebenza, nomuntu uyasebenza, ukuze umuntu abemunye noKristu njengoba uKristu emunye noNkulunkulu….

"NguNkulunkulu osinika amandla okunqoba. Labo abalizwayo izwi Lakhe futhi balalele imithetho Yakhe banikwa amandla okwakha izimilo ezilungileyo."- *SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 7, p. 943.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Nhlaba 23

1. **Kungani abaFarisi babengenakho ukubiza ukuphila okuphakade ngokusekwa phezu kobuhlobo begazi labo-nanoma ngobani namuhla abathembela kokhokho noma ngophawu lweDNA ukuze basindiswe-na?**
2. **Chaza izimpawu zabantwana bakaAbrahama beqiniso.**
3. **Maqondana nesimilo Sakhe, kuyini uJesu abanakho ukukumemezela-na?**
4. **Ngeyiphi inhloso ebekwe phambi kwawo wonke umKrestu-na?**
5. **Singatholakala kanjani siphelele futhi singenacala phambi kukaNkulunkulu-na?**

# UJesu Nendoda Eyimpumputhe

**IVESI LEKHANDA: "Wathi uJesu: Mina ngizele ukwahlulela kulelizwe ukuba abangaboniyo babone, nababonayo babe yizimpumputhe" (Johane 9:39).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 3, pp. 570-575.

"Imbali kaJobe ibonisa ukuthi ukuhlupheka kubangelwa uSathane, futhi kunqotshwa uNkulunkulu ngenhloso yomusa."-*The Desire of Ages,* p. 471.

## 1. UKUQONDA OKUNEPHUTHA — NgeSonto, Nhlaba 25

**a. Yimuphi umbuzo abafundi abawubuza uJesu lapho bebona indoda eyayizelwe iyimpumputhe-na? Johane 9:1, 2.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

**b. Yimuphi umbono oyiphutha wobunzima obabukhona kumaJuda nakubafundi, futhi uSathane wazuza kanjani ngalokho-na? Johane 9:34 (isigaba sokuqala).**

____________________________________________________________________________

"Ngokuvamile amaJuda ayekholelwa ukuthi isono sijeziswa kulokhu kuphila. Konke ukuhlupheka kwakubhekwa njengecala lokwenza okuphambukile okuthize, noma lowo ohluphekayo uqobo noma abazali bakhe. Kuyiqiniso ukuthi konke ukuhlupheka ngumphumela wokweqa umthetho kaNkulunkulu, kodwa lomthetho uthe wahlanekezelwa. USathane, umqalisi wesono nayo yonke imiphumela yaso, ithe yaholela abantu ukuba babheke ukugula nokufa njengokuvela kuNkulunkulu-njengesijeziso sokunganaki esiza ngenxa yesono. Ngakho-ke phezu kwalowo ukuhlupheka okukhulu noma isifo esiwele kuye unomthwalo owengeziwe obhekwa njengesoni esikhulu.

"Kanjalo indlela yalungiselelwa amaJuda ukuba enqabe uJesu. Lowo 'owathwla izifo zethu, wabetshatha ubuhlungu bethu, wathwala usizi lwethu' wabhekwa ngamaJuda njengo 'jezisiwe, oshaywe nguNkulunkulu, ohlushiwe;' futhi bafihla ubuso babo Kuye."-*The Desire of Ages,* p. 471.

## 2. NGENXA YENKAZIMULO KA-NKULUNKULU — NgoMsombuluko, Nhlaba 26

**a. Ngeyiphi impendulo kaJesu eyaletha ukukhanya ngokuhlupheka nesono-na? Johane 9:3-5.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"'INkolo yamaJuda maqondana nobudlelwano besono nokuhlupheka yamukelwa ngabafundi bakaKristu. Lapho uJesu elungisa amaphutha abo, akazange achaze imbangela yokuhlupheka komuntu, kodwa wabatshela okuzoba ngumphumela. Ngenxa yalokho imisebenzi kaNkulukulu izobonakaliswa. 'Ngisekhona ezweni,' Esho, 'Ngingukukhanya kwezwe.'"-*The Desire of Ages,* p. 471.

**b. Kuyini uJesu akwenza ngokushesha emva kwalokho, futhi indoda eyimpumputhe yabambisana kanjani Naye-na? Johane 9:6, 7.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Lapho eseninde amehlo endoda eyimpumputhe, wathi makahambe ayogeza echibini lase-Silowama, ukubona kwalendoda kwabuyiselwa. Ngakho-ke uJesu waphendula umbuzo wabafundi ngendlela ebonakalayo, njengoba ngokuvamile wayephendula imibuzo elethwa Kuye ngenxa yosikisiki lokufuna ukwazi. Abafundi ababizelwanga ukuba baxoxisane ngalombuzo wokuthi ngubani owonile noma ngubani ongonanga, kodwa ukuba bazwisise amandla nomusa kaNkulunkulu ngokunikeza ukubona koyimpumputhe. Kwakusobala ukuthi ayengekho amandla okwelapha kubumba, noma kwichibi lapho indoda eyimpumputhe eyathunyelwa ukuba iyogeza khona, kodwa amandla abekuKristu."-Ibid.

**c. Chaza ukuziphatha okwahlukene komakhelwane bendoda eyanikwa ukubona-futhi chaza inkulumo eyalandela phakathi kwakhe nabomakhelwane bakhe-na? Johane 9:8-12.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Ngakho-ke abakhelene nayo nababeyibonile ngaphambili iyisinxibi, bathi, 'Akusiye lo owayehlezi enxiba-na?' Bambheka ngokungabaza; ngoba lapho amehlo akhe evulwa, ubuso bakhe baguqulwa futhi bakhazimula, futhi wabonakala efana nomunye umuntu. Kusukela komumunye ukuya komunye umbuzo wawuzwakala. Abanye bathi, 'Nguyena,' abanye bathi, 'Qha, kepha ufana naye.' Kodwa lowo owathola isibusiso esikhulu wathulisa umbuzo ngokuthi, 'Nginguye.'"-Ibid., pp. 471, 472.

## 3. UMBUZO UYAKHULA

**Ngolwesibili, Nhlaba 27**

**a. Abaholi bamaJuda bamyisa kubani umuntu owazalwa eyimpumputhe-futhi kungani-na? Futhi waphulukiswa ngaluphi usuku-na? Johane 9:13, 14.**

_______________________________________________________________________________
_______________________________________________________________________________

**b. Chaza indlela abaFarisi abasabela ngayo-na? Johane 9:15, 16.**

_______________________________________________________________________________
_______________________________________________________________________________

"AbaFarisi babenethemba lokuthi bangenza uJesu abeyisoni, futhi ngenxa yalokho angabi nguMesiya. Babengazi ukuthi nguYena owenza iSabatha nowazi zonke izibopho zalo, lowo ophilise indoda eyimpumputhe. Babonakala beshiseka ngokumangalisayo ekugcineni iSabatha, kodwa babeceba ukumbulala ngalolosuku."-*The Desire of Ages,* p. 472.

**c. AbaFarisi ngubani abambiza ukuba bafakaze ngomuntu ophulukisiwe-na? Johane 9:18, 19.**

_______________________________________________________________________________
_______________________________________________________________________________

"[AbaFarisi] base bebiza abazali bakhe, bababuza bathi: Lo uyindodana yenu enithi ngayo yazalwa iyimpumputhe-na?'

"Kwakukhona umuntu uqobo, ememezela ukuthi ubeyimpumputhe, futhi ubuyiselwe ukubona, kepha abaFarisi bakhetha ukwenqaba ubufakazi ngenxa yomuzwa wabo kunokwamukela ukuthi basephutheni. Lunamandla angakanani ubandlululo, ngokunjalo kuyahlanekezela ukulunga kwabaFarisi."-Ibid*.*

**d. Sixwayiswa kanjani ngobubi obufinyelela kude bokuba nombono wokucabangela ngaphambili-na? Izaga 18:13.**

_______________________________________________________________________________
_______________________________________________________________________________

"Baningi ababeka esabo isakhiwo ngalokhu abakuzwayo, okwenza umcabango ubonakale wehluke ngokuphelele kunaleso isikhulumi esizama ukukuveze. Abanye, bezwa ngendlela yokubandlulula kwabo noma izinto abanazo ngaphambili, bazwisisa udaba ngendlela abafisa lube ngayo-njengoba lizovumelana kangcono nenhloso yabo."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 695.

## 4. EBHEKENE NOKWESATSHISWA — Ngolwesithathu, Nhlaba 28

**a. Abafarisi bazama kanjani ukwesabisa abazali bomuntu owazalwa eyimpumputhe-futhi basabela kanjani-na? Johane 9:20, 21. Kungani banikeza impendulo egwemayo-na? Johane 9:22, 23.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"AbaFarisi babenethemba elilodwa elisele, futhi ukuba besabise abazali balendoda. Ngokuqiniseka okubonakalayo babuza, 'Pho isibona kanjani manje-na?' abazali besaba ukuzinikezela; ngoba kwashiwo ukuthi uma ekhona ovuma ukuba unguKristu kakhishwe esinagogeni;' okungukuthi, uma uzokhishwa esinagogeni izinsuku ezingamashumi amathathu. Ngalesosikhathi akukho mntwana ozosokwa kungakhalelwa nofileyo kulelokhaya lalowo owonile. Isijeziso sasibhekwa njengesehlakalo esikhulu; futhi uma sehluleka ukuletha inguquko, isijeziso esinzima kakhulu sasilandela. Umsebenzi omkhulu owenzelwe indodana yabo, waletha ukulahlwa ngecala kubazali, nokho baphendula bathi, "Siyazi ukuthi lo uyindodana yethu nokuthi wazalwa eyimpumputhe: kodwa ukuthi usebona kanjani kalokhu asazi; nokuthi ngubani ovule amehlo akhe asazi, mbuzeni yena, usekhulile, uzoziphendulela.' Kanjalo bagudluzela konke ukuziphendulela kwabo bakuyisa endodaneni yabo; ngoba kwakungafanele bavume uKristu."-*The Desire of Ages,* pp. 472, 473.

**b. Lapho sicindezelwa ngokwesatshiswa, kuyini okumele sikukhumbule-na? Amahubo 118:6.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Yima uqinile, futhi ungalokothi wenze isenzo esiphambukile kunokuba ubizwe ngegwala. Ungavumeli ukubhinqa, ukusongela, makungabikho amazwi okukloloda, azokuheha ukuba ulwisane nonembeza wakho ikakhulukazi."-*Fundamentals of Christians Education,* p. 93.

"Isimilo somKrestu weqiniso masiphawuleke ngokuqina kwenhloso, nangokuzimisela okunamandla, okungeke kwakhiwa noma kuthotshiswe ngumhlaba noma isihogo. Lowo onamehlo okubona okuthathekisayo kodumo lwezwe, akanandaba nokusongelwa, ongashukunyiswa ukuyengwa okuzayo, kakhulu okungalindelwe kuye, anqotshwe amacebo kaSathane."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, pp. 543, 544.

"Sizokwamukela ukumelana okwesabeka kakhulu okuvela kumaAdventist amelene nomthetho kaNkulunkulu. Kodwa, njengabakhi bezindonga zaseJerusalema, akufanele siphambukiswe futhi sivinjelwe umsebenzi wethu ngenxa yemibiko, ngenxa yezithunywa ezifisa ukukhuluma noma ukuphikisana, noma ukusongela okusabekayo, ukumenyezelwa kwamanga, noma nangayiphi inkohliso uSathane angayakha."-Ibid., vol. 3, p. 574.

## 5. UMLANDO IYAPHINDWA — Ngolwesine, Nhlaba 29

**a. Chaza isimo okufanele sibhekane naso njengabantu bakaNkulunkulu abagcina-imiyalo-futhi kufanele sisabele kanjani kuso. Isambulo 12:17; Izenzo 4:18-20.**

____________________________________________________________________________

"Njengoba impikiswano ifinyelela kumasimu amasha futhi nezingqondo zabantu zibizelwa emthethweni kaNkulunkulu onyathelelwa phansi, uSathane uzonyakaziswa. Amandla abhekene nomyalezo azothukuthelisa labo abaphikisana nawo. Abafundisi bazobeka phambili imizamo yabantu ukuvalela ngaphandle ukukhanya hleze kukhanye emhlambini wabo. Ngazozonke izindlela ngelizwi labo bazozama ukucindezela ingxoxo yalemibuzo ebalulekile. Izikhalazo zengalo eqinile yamandla elizwe, futhi, kulomsebenzi, abopapa namaProtestanti bazohlangana. Njengoba intshukumo yokucindezelwa kweSonto ithola amandla futhi inqunywa, umthetho uzonikezwa ukumelana nabagcina umthetho. Bazosongelwa ngezinhlawulo futhi baboshwe, abanye bazonikezwa izikhundla ezinomfutho, neminye imivuzo kanye nosizo, nokuvumiswa ukuba balahle inkolo yabo. Kodwa impendulo yabo eqinile ithi: 'Siboniseni ezwini likaNkulunkulu iphutha lethu'-ukuncenga okufanayo okwenziwa nguLuther ngaphansi kwezimo ezifanayo. Labo ababekwa icala phambi kwezinkantolo bazokwenza impindiselo enamandla yeqiniso, futhi abanye ababezwa bazoholelwa ukuma endaweni yokugcina imithetho kaNkulunkulu. Kanjalo ukukhanya kuzolethwa ngaphambi kwezinkulungwane ngenye indlela engabe ingazange yawazi lamaqiniso."-*The Great Controversy,* p. 607.

**b. Uma sibhekana nokuphikisana, kuyini okumele sikukhumbule njalo-na? Johane 9:39; Izenzo 4:33; Mathewu 10:28.**

____________________________________________________________________________

"[Abapostoli] abazange bavinjelwe noma besatshiswe ukusongelwa."-*The Acts of the Apostles,* p. 48.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Nhlaba 30

1. **Abaholi bamaJuda babehlulela kanjani ogulayo nohluphekile-na?**
2. **Ngubani futhi yini ngempela eyalapha indoda eyimpumputhe-na?**
3. **Kungani omakhelwane bendoda eyimpumputhe badideka-na?**
4. **Yisiphi isimo lensizwa okwafanele ibhekane naso emva kokwelashwa kwayo-na?**
5. **Ngingagwema kanjani ukuwela ogibeni olwehlela abazali bakhe-na?**

# UMNIKELO WESABATHA LOKUQALA

ISabatha, Nhlangulana 7, 2025

**"Izindlu ezimbili zokukhonzela eTmal Nadu, India**

Ubufakazi beArchaeological bukhomba ukuthi kusukela ekuqaleni konyaka 2600 B.C., Impucuko ye-Indus beseyikhona emadolobheni amaningi isivele yahlala ezwenikazi namuhla elaziwa ngokuthi i-India. Inkolo yangempela lapha sekuyisikhathi eside ingamaHindu. (79.8%), ilandelwa ngamaIslam (14.2%), AmaKrestu (2.3%), amaSikhisim (1.7%), kanye nezinye. Lapho imibiko ebeyikhona yokuxhumana neSDA Reform Movement kusukela ngonyaka ka1920 no 1950, kwakungonyaka ka1987 lapho i-Indiya esenyakatho yamelwa okokuqala ngokusemthethweni kuSDARM kuGeneral Conference lapho kwakuhlangene khona izithunywa.

Isifunda esiseningizimu yeIndia-iTamil Nadu-ibhekwa njengendlunkulu kwezezimboni nakwezolimo. Umsebenzi weNkosi uthe wamiswa lapha iminyaka emininingi, kodwa ukusebenzela abantu abaningi abangaphezu kwezigidi ezingu 72 kulesifunda, kukhona isidingo sokufinyelela okubanzi.

Ngokuya ngokubalwa kwabantu ngonyaka ka 2001 eIndia, umuzi wasePattveeranpatti bowunabantu abangu 7, 744. Isilinganiso sayo sokubala sasiphakeme nge 83%, siphakeme kunesilinganiso sikazwelonke nge59.5% (izincwadi ezivumayo).

Umthombo oyinhloko wokuziphilisa lapha ikhofi, amabhanana, amawolintshi, necardamon, upelepele, nezinye izithako. I-Pallapatti iyidolobha elikhulu elinabantu abangu 13, 701.

Kusukela ngonyaka ka 1998, umsebenzi omkhulu wokungakhathali komvangeli osuka ePeriyaklamuthe wasiza ukukhulisa inani lamalunga ebandla kakhulu kulezindawo ezimbili. Izinselela ezimbalwa zenze kwabanzima ukuhlala kwizindlu ezikhokhelwayo, kanjalo manje, abazalwane kulendawo yasePattiveeranpatti nasePallapatti badinga indawo yabo yokukhonzela.

UMoya wesiProfetho ngempela uphawula iIndia njengendawo lapho '[izigidi phezu kwezigidi ezingazange zezwa ngoNkulunkulu noma uthando Lwakhe olwembulwe kuKristu. Kuyilungelo labo ukwamukela lolwazi. Banezimfuno ezilingana nezethu emseni woMsindisi."-*Education,* p. 263.

Ngokho-ke ngenhlonipho enkulu sicela abazalwane nodade emhlabeni wonke ukuba banikele ngesihle ukwakha indlu yesibane seNkosi ukuba ikhazimule lapha. Ngomsebenzi wokumela umthetho kaNkulunkulu nokulungisa izikhala ezenziwe emthethweni kaNkulunkulu, kufanele sihlanganise uzwelo kubantu abahluphekile. Kufanele sibonise uthando oluphakeme kuNkulunkulu; kufanele siphakamise isikhumbuzo Sakhe."-*Welfare Ministry*, p. 32. Siyanibonga, kwangathi iNkosi ingabusisa izipho nalabo abaphayo!

*Abazalwane nodade abavela ePattiveeranpatti nase Pallapatti*

# Ukumelana Nobumpumputhe Besimoya

**IVESI LEKHANDA: "Ngalokho ngithi kini: Abantu bayakuthethelelwa zonke izono nokuhlambalaza, kepha ukuhlambalaza uMoya akuyi-kuthethelelwa. Yilowo nalowo okhuluma izwi elimelene neNdodana yomuntu uyakuthethelelwa; kepha lowo okhuluma elimelene noMoya oNgcwele akayikuthethelelwa nakulelizwe nakwelizayo" (Mathewu 12:31, 32).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 2, pp. 489-497.

"Akuyena uNkulunkulu ophuphuthekisa amehlo abantu noma aqinise izinhliziyo zabo. Ubathumelela ukukhanya ukuze balungise iziphambeko zabo, futhi abaholela ezindleleni eziphephile; kungenxa yokwenqaba lokukhanya amehlo aphuphuthekile nenhliziyo zilukhuni."-*The Desire of Ages,* p. 322.

## 1. UKUBUZANA OKUPHINDWAYO — NgeSonto, Nhlangulana 1

**a. Lapho bebiza okwesibili insizwa uJesu ayevulile ukuba ibone, abaFarisi bazama ukuyicindezela ukuthi yenzeni-na? Johane 9:24.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"AbaFarisi babona ukuthi banikeza umphakathi udumo lomsebenzi owenziwe nguJesu. Abakwazanga ukwenqaba isimangaliso. Indoda eyimpumputhe yayigcwele injabulo nokubonga; wabheka izinto ezimangalisayo zemvelo, futhi wagcwala ukwethaba ngobuhle bomhlaba nesibhakabhaka. Ngokukhululeka wabalisa amava akhe, bazama futhi ukumthulisa, bathi, 'Nikeza uNkulunkulu udumo: siyazi ukuthi loMuntu uyisoni.' Okungukuthi, Ungasho ukuthi loMuntu ukunikeze ukubona; nguNkulunkulu okwenzile lokho."-*The Desire of Ages*, p. 473.

**b. Ngeyiphi ingxabano engenakuphikiswa insizwa eyayilethayo-na? Johane 9:25.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

## 2. UKUBUZANA OKUPHINDWAYO (KUYAQHUBEKA) NgoMsombuluko, Nhlangulana 2

**a. AbaFarisi baphinda babuza bathini kulensizwa ebuyiselwe ukubona-futhi yayiyini injongo yabo yangempela-na? Johane 9:26.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"[AbaFarisi] babuza futhi, 'Wenzeni kuwe-na? Uwavule kanjani amehlo akho-na?' Ngamazwi amaningi bazama ukumdida, ukuze acabange ukuthi udukisiwe ngokwakhe. USathane nezingelosi zakhe ezimbi babesohlangothini lwabaFarisi, futhi behlanganisa amandla abo futhi ngokuzithoba kwabantu ukuze bahlanekezele umfutho kaKristu. Bathuntubezela ukukholwa okwakujula ezingqondweni zabaningi."-*The Desire of Ages*, p. 473.

**b. Insizwa yabaphendula kanjani-futhi ngubani owayeseduze kwayo ukuba amkhuthaze-na? Johane 9:27.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"Izingelosi zikaNkulunkulu zazikhona lapha ukuze ziqinise umuntu obuyiselwe ukubona.

"AbaFarisi ababonanga ukuthi kwakufanele babhekane nanoma yimuphi umuntu ngaphandle kwendoda engafundile eyazalwa iyimpumputhe; bebengamazi Lowo ababephikisana naye. Ukukhanya okungcwele kwakhanyisa ekamelweni lomphefumulo wendoda eyimpumputhe. Lapho abazenzisi bezama ukumenza ukuba angakholwa, uNkulunkulu wamsiza ukuba abonise, ngamandla nokukhakhamela kwezimpendulo zakhe, ukuthi wayengeke athiywe."-Ibid.*,* pp. 473, 474.

**c. Siqiniswa kanjani ngosizo olufanayo namuhla-na? Luka 12:11, 12.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"Manje, ngeBhayibheli lakho ufuna ukuhamba phambi kukaNkulunkulu, ulivule phambi kukaNkulunkulu, futhi uncenge phambi kukaNkulunkulu. Ufuna ukuzwisisa kwakho kuphangise; ufuna ukwazi ukuthi uyazazi izimiso zangempela zeqiniso, futhi lapho uhlangana nabaphikisi angeke ubhekane nabo ngamandla akho. Ingelosi kaNkulunkulu izoma eduze kwakho ukusiza impendulo yonke yemibuzo ongabuzwa yona. Kodwa ngalesosikhathi uSathane uzokuma ohlangothini lwabaphikisana nawe ukuvusa nokusho izinto ezinzima ukuba uzithwale, ukuze ucunuke uze ukhulume amazwi angafanele; kodwa izinkulumo zakho uzenza ukuba uSathane angazinikeli ngamazwi akho."-*The Review and Herald,* Nhlaba 3, 1887.

**a. Bengakwazi ukukhohlisa insizwa ebuyiselwe ukubona, abaFarisi bameyisa kanjani-futhi ukungazi okunjalo kuye kwabonakala kuwo wonke umlando kanjani-na? Johane 9:28, 29; 1 Korinte 1:18, 19, 26-28.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ngebandla Lakhe ezizukulwaneni zonke uNkulunkulu uneqiniso elikhethekile nomsebenzi okhethekile. Iqiniso elifihliwe kwizihlakaniphi zelizwe nokuhlakanipha okwembulelwe labo abanjengezingane nabathobekile. Kudinga ukuzidela. Kukhona izimpi okufanele ziliwe nokunqoba okumele kuzuzwe. Ukuqala okumelwa ngabambalwa. Amadoda amakhulu elizwe nangomhlaba ovumelanayo, ayaphikiswa futhi adelelekile….

"Abaholi abakhulu bezenkolo babecabanga ukuthi lesizukulwane sizozwakalisa ukudumisa kwalo futhi sakhe isikhumbuzo salabo abatshale imbewu yeqiniso iminyaka engamakhulu edlule. Abaningi abasuki kulomsebenzi ukuthi banyathelele phansi izithelo ezikhulayo zembewu efanayo namuhla-na? Isikhalo esidala siyaphindwa, 'Siyazi ukuthi uNkulunkulu wakhuluma kuMose; kepha lomuntu [uKristu eyisithunywa uyathuma], kodwa lo asimazi lapho evela khona.' Johane 9:29. Njengasesikhathini sasendulo, amaqiniso akhethekile anamuhla ayatholakala, kungesikho njengeziphathimandla zezenkolo, kodwa njengabesilisa nabesifazane abangafundile kakhulu noma abangahlakaniphile kakhulu ukuba bakholwe yizwi likaNkulunkulu."-*Christ's Object Lessons,* p. 78, 79.

**b. Yisiphi isibonelo esingasifunda kubufakazi obuqotho balensizwa, kanye namanye amakholwa aqotho kuKristu-na? Johane 9:30-33; Izenzo 4:19, 20.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ngesizotha sonke, ngomoya womusa, nangothando lukaNkulunkulu kufanele sikhombise abantu ukuthi uJehova uNkulunkulu unguMdali wezulu nomhlaba, nokuthi usuku lwesikhombisa luyiSabatha lukaJehova.

"Ngegama leNkosi kufanele siqhubekele phambili, sisombulule ibhanela Lakhe, sikhulume izwi Lakhe. Uma iziphathimandla zisitshela ukuthi singawenzi lomsebenzi, uma zisenqabela ukuba simememzele umthetho kaNkulunkulu nokukholwa kukaJesu, lapho-ke kuzodingeka nathi sisho njengoba kwenza abapostoli: 'Nqumani-nina ukuba kulungile yini ebusweni bukaNkulunkulu ukulalela-nina kunoNkulunkulu. Ngokuba thina asinakuyeka ukukhuluma ngalokho esikubonileyo nesikuzwileyo.' Izenzo 4:19, 20."-*Testimonies for the Church,* vol. 6, p. 395.

## 4. ISIMO SENGQONDO SOBUIMNYAMA, IMISEBENZI YOBUMNYAMA

**Ngolwesithathu, Nhlangulana 4**

**a. Njengoba abaFarisi ababethukuthele bengazimisele ukwamukela ubufakazi, kuyini abakwenza ngensizwa eyayifakaza ngokuphulukiswa kwayo-na? Johane 9:34.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Indoda yabhekana nabamangaleli bakhe endaweni yabo. Umcabangoo wakhe wawungenakuphendulwa. AbaFarisi bamangala, futhi bathula-babeshaqekile phambi kwamagama akhe abonisiwe, amazwi anqunyiwe. Ngemizuzwana embalwa kwaba khona ukuthula. Ngakho abapristi naworabbi basonga izingubo zabo, kungathi besaba ukungcoliswa nokuxhumana naye; bathintitha uthuli ezinyaweni zabo, futhi bazwakalisa ukusola okuqondiswe kuye-'Wena wazalwa ezonweni impela, wena usifundisa thina-na?' basebemkhiphela ngaphandle."-*The Desire of Ages,* p. 474.

**b. Ngokuphambene, uJesu wayiphatha kanjani lensizwa-na? Johane 9:35-38.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Indoda yazilahlela ezinyaweni zoMsindisi ikhuleka. Akubuyiselwanga kuphela ukubona kwakhe kwemvelo, kodwa namehlo okuqonda kwakhe athe avulwa. UKristu wembuliwe emphefumulweni wakhe, futhi wamamukela Yena njengoThunywe nguNkulunkulu."-*The Desire of Ages*, p. 475.

**c. Chaza umehluko omkhulu phakathi kokuxosha abahlubuki abanenkani vs abaphika uKristu abayizimpumputhe abakhipha imiphefumulo elalela uNkulunkulu ngothando. 1 Amakhosi 9:6-9; Mathewu 12:31, 32; Amahubo 11:3.**

"[UWycliff waphawula,] akekho umuntu ongaxoshwa ngempela ebandleni ngaphandle kokuthi azilethele ukulahlwa kuqala."-*The Great Controversy*, p. 84.

"Ukuphikiswa kuyisabelo sabo bonke labo uNkulunkulu abasebenzisa emsebenzini wokuveza iqiniso ikakhulukazi elisebenza esikhathini sabo. Lalikhona iqiniso lanamuhla ezinsukwini zikaLuther, iqiniso ngalesosikhathi elalinokubaluleka okukhethekile, likhona iqiniso lanamuhla ebandleni….labo abaletha iqiniso lanamuhla mabalindeli ukuthi bazokwamukelwa ngothando olukhulu kunabavuseleli basendulo. Impikiswano enkulu phakathi kweqiniso nesiphambeko, phakathi kukaKristu noSathane, kumele ikhule ngamandla ekupheleni kwembali yalomhlaba."-Ibid., pp. 143, 144.

## 5. UKUBUSISWA VS UKWAHLULELWA NGOKUKHANYA **Ngolwesine, Nhlangulana 5**

**a. Kuyini uJesu akusho maqondana nomphumela womsebenzi Wakhe-na? Johane 9:39.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Kwase kubuthana ixuku labaFarisi ndawonye, futhi ukubonakala kwabo kwaletha engqondweni kaJesu umehluko oke wabonakala ngomphumela wamazwi nemisebenzi Yakhe. UKristu wazela ukuvula amehlo abangaboni, ukunikeza ukukhanya kulabo abahlezi ebumnyameni. Wamemezela ngoKwakhe ukuthi ungukukhanya kwezwe. Nesimangaliso asenza sasifakazela umsebenzi Wakhe. Abantu ababona uMsindisi ekumbulweni Kwakhe bavunyelwa ukubona ngokuphelele ubukhona Bakhe obungcwele ukudlula umhlaba oke wakuthokozela ngaphambili. Ulwazi ngoNkulunkulu lwembulwa ngokuphelele. Kodwa kulesi sambulo, ukwahlulela kuyadlula phambi kwabantu. Izimilo zabo ziyahlolwa, nesiphelo sabo siyanqunywa."-*The Desire of Ages,* p. 475.

**b. Abafarisi baphendula kanjani amazwi kaKristu-na? Johane 9:40. Ngesikhathi ekhuluma nabo, uJesu wembula kanjani icala lobumpumputhe babo-na? Johane 9:41.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Ukubonakala kwamandla angcwele lawo anikezwa indoda eyimpumputhe kokubili ngokwemvelo nokubona kwesimoya kwashiya abaFarisi ebumnyameni obujulile….Uma uNkulunkulu akwenze kwabanzima kubo ukubona iqiniso, ukungazi bekungeke kwabenza abanecala. 'Kepha manje nithi, Siyabona.' Ukholelwa ukuthi uyakwazi ukubona, futhi wenqaba izindlela ongathola ngazo ukubona. Kubo bonke ababona isidingo sabo, UKristu weza nosizo olungapheli. Kodwa abaFarisi abavumanga ukuthi banesidingo. Bayenqaba ukuza kuKristu, futhi ngalokho basala beyizimpumputhe-ubumpumputhe abanecala ngabo. UJesu wathi, isono senu sihlezi.' "-Ibid.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE **NgoLwesihlanu, Nhlangulana 6**

1. **Kuyini abaFarisi ababezama ukuvumisa indoda ebeyimpumputhe ngaphambili-na?**
2. **Ngubani owayesebenzisa abaFarisi abangakholwa-na?**
3. **Ngubani owasiza insizwa ukuba inikeze izimpendulo ezicacile nezidelisayo-na?**
4. **Kuyini okwenzeka lapho ngesibindi, evuma uKristu obala-na?**
5. **Chaza ukuthi yiluphi uhlobo lobumpumputhe olubi kakhulu, futhi kungani.**

# UJesu Umalusi Omuhle

**"IVESI LEKHANDA: "Ngingumalusi omuhle. Umalusi omuhle udela ukuphila kwakhe ngenxa yezimvu" (Johane 10:11).**

**Incwadi Enikeziwe:** *The Desire of Ages,* pp. 476-484.

"UKristu uyikho kokubili isango kanye nomalusi. Uyangena ngoKwakhe. Kungenxa yomhlatshelo Wakhe waba ngumalusi wezimvu."-*The Desire of Ages,* p, 478.

## 1. ISELA NOMALUSI *NgeSonto*, Nhlangulana 8

**a. UJesu wehlukanisa kanjani phakathi kwesela nomalusi, futhi yisiphi isifundo sesimoya abesifanekisa-na? Johane 10:1, 2.**

___________________________________________________________________________

___________________________________________________________________________

"UKristu wasebenzisa leziprofetho [eziqondiswe emsebenzini wokwalusa kukaMesiya, njengoba kutholakala kuIsaya 40:9-11; Amahubo 23:1; no Hezekeli 34:23, 16, 25, 28] Kuye, futhi wabonisa umehluko phakathi kwesimilo Sakhe nalezo zabaholi bakwaIsrayeli. AbaFarisi babesanda kuxosha omunye esibayeni, ngoba wayenesibindi sokufakaza ngamandla kaKristu. Baxoshe umphefumulo lowo uMalusi Weqiniso amdonsela Kuye. Kulokhu babonise ukungazi umsebenzi abanikwe wona, nokuthi abakulungele ukwethenjwa kwabo njengabelusi bomhlambi. UJesu manje ubeke phambi kwabo umehluko phakathi kwabo kanye noMalusi Omuhle, futhi eqondisa Kuye njengomgcini wangempela womhlambi weNkosi."-*The Desire of Ages,* p. 477.

"UKristu uyasithanda ngoba asinakuzisiza futhi sencikile."-*Sermons and Talks,* vol. 1, p. 248.

**b. Yibuphi ubuhlobo obukhona phakathi kwezimvu nomalusi wazo-na? Izimvu kuyini ezizokwenza phambi komfokazi-na? Johane 10:5.**

___________________________________________________________________________

___________________________________________________________________________

**a. UJesu wembula kanjani umehluko phakathi Kwakhe nabaFarisi-na? Johane 10:7-10.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"UKristu uyisango lesibaya sikaNkulunkulu. Ngalesango zonke izingane Zakhe, kusukela ezikhathini zasendulo, zithe zathola ukungena. KuJesu, njengoba kuboniswa ngezimpawu, njengoba kusithezwe ngemifanekiso, njengoba kuboniswa ngobuhlobo babaprofethi, njengoba kwembulwa ezifundweni ezinikwe kubafundi Bakhe, futhi ngezimangaliso ezenzelwa amadodana abantu, bathe babona 'iWundlu likjaNkulunkulu, elisusa izono zezwe' (Johane 1:29), futhi Ngaye balethwa phakathi kwesibaya somusa Wakhe. Abaningi bazile beletha ezinye izinto zenkolo yelizwe; imigidi nezinhlelo ezithe zasungulwa lezo abantu benethemba lokuthola ukulungisiswa nokuthula noNkulunkulu, futhi ngokunjalo bazothola ukungena emhlambini Wakhe. Kodwa isango linye kuphela nguKristu, nakubo bonke abathe bafaka ngaphakathi okuthize okuthatha indawo kaKristu, bonke abazama ukungena esibayeni ngenye indlela, bangamasela nabaphangi.

"AbaFarisi abangenanga ngesango. Bathe bakhwela esibayeni ngenye indlela kunekaKristu, futhi bebangaphelelisi umsebenzi womalusi weqiniso. Abapristi nababusi, ababhali nabaFarisi, bachithile amadlelo aphilayo, futhi bangcolisa imithombo yamanzi okuphila. Ngokuthembeka amazwi aphefumulelwe achaza labelusi bamanga kanje. 'Ezibuthakathaka aniziqinisanga, nezigulayo aniziphilisanga, neyaphukileyo aniyibophanga, nexoshiweyo aniyibuyisanga, nelahlekileyo aniyifunanga….kepha nizibusile ngamandla alukhuni.' Hezekeli 34:4."-*The Desire of Ages,* pp. 477, 478.

**b. Umalusi weqiniso wehluke kanjani kunalowo okhokhelwayo-na? Johane 10:11-13.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Bayadingeka abantu, kungesibo abangashumayela kuphela, kodwa labo abanolwazi olulingayo lwemfihlakalo yokwesaba uNkulunkulu, nalabo abazohlangabezana nezidingo zabantu eziphuthumayo-labo abaqonda ukubaluleka kwesikhundla sabo njengezinceku zikaJesu, futhi ngenjabulo bazophakamisa isiphambano leso abafundisile ukuthi bangasithwala kanjani.

"Kubaluleke kakhulu ukuthi abafundisi bazihlanganise nabantu babo, kanjalo bajwayelane nezimo ezinhlobo-nhlobo zemvelo yomuntu. Kufanele bafunde ukusebenza kwengqondo, ukuze bajwayele izimfundiso zakhe kwinhlakanipho yabalaleli bakhe. Ngaleyondlela bazofunda ngomnikelo omkhulu ophethwe yilabo kuphela abafunda kakhulu imvelo nezidingo zabantu."-*Gospel Workers,* p. 191.

## 3. UMALUSI OMUHLE OJWAYELEKILE — Ngolwesibili, Nhlangulana 10

**a. Yiluphi olunye uphawu lukamelusi omuhle uJesu alubonakalisa-na? Johane 10:14, 15.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Njengoba umalusi wasemhlabeni ezazi izimvu zakhe, ngokunjalo uMalusi ongcwele uyawazi umhlambi Wakhe ohlakazeke emhlabeni wonke. 'Nina niyizimvu Zami, niyizimvu zedlelo Lami; ningabantu, Mina nginguNkulunkulu wenu, isho iNkosi uJehova.' 'Ngikubizile ngegama lakho; ungo-Wami.' 'Bheka ezandleni Zami ngikubhalile.' Hezekeli 34:31; Isaya 43:1; 49:16.

"UJesu uyasazi ngabanye, futhi uthintwa umuzwa wobuthakathaka bethu. Usazi sonke ngamagama. Wazi indlu ngayinye esihlala kuyo, igama lomuntu ngamunye ohlala kuyo. Ngezinye izikhathi wanikeza umyalezo ezincekwini Zakhe ukuba ziye esitaladini esithize emzini othize, kwindlu ethizeni, ukuthola enye yezimvu Zakhe.

"Wonke umphefumulo waziwa ngokuphelele nguJesu kungathi nguwo kuphela uMsindisi athe wawufela. Ukuhlupheka okwehlela umuntu ngamunye kuthinta inhliziyo Yakhe. Ukukhala kofuna usizo kufinyelela endlebeni Yakhe. Uzele ukudonsela bonke Kuye. Uyabancenga, 'Ngilandeleni,' futhi noMoya Wakhe uhamba phezu kwenhliziyo ukubadonsela Kuye. Abaningi bayanqaba ukudonswa. UJesu uyazi ukuthi bangobani. Uyazi futhi ukuthi ngobani abezwa ngenjabulo ubizo Lwakhe, futhi bakulungele ukuza ngaphansi konanekelo lobufundisi Bakhe. Uthi, 'Izimvu ziyalizwa izwi Lami, Nami ngiyazazi, futhi ziyangilandela.' Unakekela ngamunye kungathi akekho omunye ebusweni bomhlaba."-*The Desire of Ages,* pp. 479, 480.

**b. Yiziphi ezinye izimvu uJesu abonisa ukuzikhathalela-na? Johane 10:16.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"UJesu wayecabanga ngemiphefumulo emhlabeni wonke edukiswe ngabelusi bamanga. Leyo alangazelela ukuyibutha ngengezimvu zedlelo Lakhe ezihlakazeke phakathi kwezimpisi, Wathi, 'Nezinye izimvu nginazo ezingesizo ezalesisibaya; nalezo ngimelwe ukuziletha; ziyakuzwa izwi Lami; kube mhlambi-munye nomalusi munye.' Johane 10:16."-Ibid., p. 483.

"UJesu unamatshe aligugu emabandleni onke, futhi akusiko okwethu ukuba senze ukulahla izinkolo ezaziwayo emhlabeni, kodwa ngokuthobeka nangothando, sethule lonke iqiniso njengoba linjalo kuJesu. Abantu bonke mababone ukuhlakanipha nokuzinikela, mababone isimilo esifana nesikaKristu, futhi badonselwe eqinisweni."-*SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 4, p. 1184.

**a. Yimaphi amandla angcwele uJesu amemezela ukuthi uNawo-na? Johane 10:17, 18.**

___________________________________________________________________________

_________________________________________________________________________

"'Ngalokho uBaba uyangithanda, ngokuba ngidela ukuphila Kwami ukuba ngibuye ngikuthabathe.' Lokhu kusho ukuthi, UBaba wakuthanda, nokuthi Nami uyangithanda kakhulu ngokunikela ukuphila Kwami ukuba ngikuhlenge. Ngokuba ngumbambeli wenu nesiqiniseko, ngokunikela ngokuphila Kwami, ngokuthatha icala lenu, ukweqa kwenu umthetho, ngijabula kakhulu kuBaba Wami.

"'Ngidela ukuphila Kwami, ukuba ngibuye ngikuthabathe. Akakho ongangamuka ukuphila Kwami, kodwa ngikudela ngoKwami. Nginamandla okukudela, nginamandla okubuye ngikuthabathe.' Lapho enjengelunga lomkhaya woluntu ofayo, njengoNkulunkulu ubengumthombo wokuphila emhlabeni. Ngabe wamelana nokuzinikela ekufeni, ngabe wenqaba ukuza ngaphansi kombuso wawo. Kodwa ngokuzithandela wadela ukuphila Kwakhe, ukuze anikeze ukuphila nokungafi ekukhanyeni. Wathwala izono zelizwe, wabekezelela isijeziso saso, waDela ukuphila Kwakhe njengomhlatshelo, ukuze abantu bangabhubhi ingunaphakade….'Kepha yazithwala izifo zethu, yabetshatha ubuhlungu bethu….Yebo Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, Yachotshozwa ngobubi bethu: isijeziso sasiphezu kwayo ukuba sibe nokuthula; nangemivimbo Yayo siphilisiwe thina. Thina sonke sidukile njengezimvu; yilowo nalowo uphendukele endleleni yakhe; uJehova wehlisela phezu Kwayo ububi bethu sonke.' Isaya 53:4-6."-*The Desire of Ages*, pp. 483, 484.

**b. Kuyini okuholela abantu ukuba balandele uKristu-na? Johane 10:27; 1 Johane 4:10, 19.**

___________________________________________________________________________

___________________________________________________________________________

"Akusikho ukwesaba isijeziso, noma ithemba lomvuzo ongunaphakade, okwaholela abafundi bakaKristu ukuba baMlandele. Babheka uthando loMsindisi olungenakufaniswa, alubonakalisa kulo lonke uhambo Lwakhe emhlabeni, kusukela emkhombeni waseBethlehema ukuya esiphambanweni saseKhalvari, futhi umbono Wakhe wawuheha, wawuthambisa futhi uthobise umphefumulo. Uthando lwaluvuka enhliziyweni yalowo olubhekayo. Babezwa izwi Lakhe, futhi baMlandela."-Ibid., p. 480.

"Sicabanga ngempilo Yakhe emhlabeni, umhlatshelo Wakhe ngenxa yethu, umsebenzi Wakhe ezulwini njengoMmeli wethu, nezindlu azilungiselela labo abaMthandayo, singamemeza kuphela sithi, Maye luphakeme futhi lujulile uthando lukaKristu."-*The Acts of the Apostles,* p. 334.

## 5. ISIQINISEKO SENSINDISO **Ngolwesine, Nhlangulana 12**

**a. Yisiphi isiqiniseko uJesu asinika izimvu Zakhe-na? Johane 10:28, 29.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Nakuba manje eseNyukele ebukhoneni bukaNkulunkulu, futhi abelane ngesihlalo sobukhosi somhlaba wonke, uJesu akazange alahlekelwe ububele bemvelo Yakhe. Namanje isihawu esifanayo, inhliziyo enozwelo nomusa ivukeleke lonke usizi lwabantu. Namuhla isandla esahlatshwa sifinyelela kude ukuze sibusise kakhulu abantu Bakhe abasezweni. 'Futhi abasoze babhubha, akukho muntu ozobakhipha esandleni Sami.' 'Umphefumulo ozinikela ngokwayo kuKristu ubaluleke kakhulu ebusweni Bakhe kunomhlaba wonke. UMsindisi wadlula osizini lwaseKhalvari ukuze ngamunye asindiswe embusweni Wakhe. Angeke-adela noyedwa athe waMfela. Ngaphandle kokuthi abalandeli Bakhe bakhetha ukumshiya Yena, uzobabamba ngamandla."-*The Desire of Ages*, p. 480-483.

**b. Kwencike phezu kwaziphi izimpawu ukulondeka kwesimoya sethu nesiqiniseko sensindiso-na? Roma 8:31-39.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Ezigodlweni ngaphezulu, uKristu uncengela ibandla Lakhe-encengela labo athe wabakhokhela ngentengo yehlawulo ngegazi Lakhe. Amakhulu eminyaka, izikhathi, akusoze kwanciphisa amandla omhlatshelo Wakhe wehlawulo. Kungekho ukuphila noma ukufa, ukuphakama nokujula, okungasehlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKristu Jesu; kungesikho ukuthi sibambe Yena ngokuqinile, kodwa ngenxa yokuba eBambe thina ngamandla. Uma insindiso yethu yeyame emizameni yethu, angeke sasindiswa; kodwa kweyame kuLowo ongaphambi kwezithembiso zonke. Ukubambelela kwethu Kuye kungabonakala kubuthakathaka, kodwa uthando Lwakhe yilolo lukabhuti omdala; uma siqhubeka ukugcina ukuhlangana kwethu Naye, akakho ongasamuka esandleni Sakhe."-The Acts of the Apostles, pp. 552, 553.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE **NgoLwesihlanu, Nhlangulana 13**

1. **Chaza umehluko wokuziphatha phakathi komalusi kanye nesela.**
2. **Yiluphi olunye uphawu uJesu aliqondisa Kuye-na?**
3. **Umalusi weqiniso uziphatha kanjani izimvu zabo-na?**
4. **Kungani izimvu zilandela umalusi hhayi umfokazi-na?**
5. **Chaza ukuthi singaqinisekiswa kanjani ngensindiso.**

# UJesu no-Lazaru

**IVESI LEKHANDA: "Kuyigugu emehlweni kaJehova ukufa kwabangcwele Bakhe" (Amahubo 116:15).**

**Incwadi Enikeziwe:** *The Ministry of Healing,* pp. 219-224.

"Ku-Kristu kukhona ukuphila, okwangempela, okungabolekiwe, akutholwanga….Ubungcwele bukaKristu yisiqinisekiso samakholwa sokuphila okuphakade."-*The Desire of Ages*, p. 530.

## 1. UMKHAYA WASE-BETHANIYA — NgeSonto, Nhlangulana 15

**a. Yibaphi abafundi uJesu ayenabo emzini waseBethaniya-na? Johane 11:5.**

________________________________________________________________________

"Inhliziyo [kaKristu] yahlanganiswa isibopho esiqinile sothando lomndeni eBethaniya, futhi ngomunye wabo umsebenzi Wakhe omuhle kakhulu wenziwa.

"Ekhaya likaLazaru, uJesu wayevame ukuthola ukuphumula. UMsindisi wayengenakhaya okungeLakhe; wayencike ekungenisweni ngabangane Bakhe nabafundi, futhi kaningi, uma ekhathele, nalapho omele ukuhlangana nabantu, wayejabulela ukubalekela kulekhaya elalinokuthula, kude nokucabangela nomona wabaFarisi abanolaka. Lapha wayefumana ukwamukelwa okuqotho, okumsulwa, ubuhlobo obungcwele. Lapha wayengakhuluma ngendlela elula nangenkululeko ephelele, azi ukuthi amazwi Akhe azoqondwa futhi abeyigugu."-*The Desire of Ages*, p. 524.

**b. Uhlobo olunjani lwekhaya ubukhona bukaNkulunkulu nezibusiso Zakhe ezikhethekile kakhulu babukhona-na? Izaga 3:33 (isigaba sokugcina).**

________________________________________________________________________

"UMsindisi wethu wayethokozela ikhaya elithulile nabalaleli abanentshiseko. Wayefisa ubumnene bomuntu, ukuthakazela, nothando. Labo abathola imfundo yasezulwini wayehlala elungele ukubabela izibusiso ezinkulu."-Ibid.

## 2. UKUGULA KUKA-LAZARU — NgoMsombuluko, Nhlangulanaa 16

**a. Senzo sini udadewabo Lazaru asithatha lapho umfowabo egula kakhulu-futhi impendulo enjani abayithola-na? Johane 11:1-4.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"ULazaru wabanjwa ukugula okuzumayo, futhi odadewabo bathumela kuMsindisi, bathi, 'Nkosi, bheka, lo oMthandayo uyagula.' Babona ukukhahlameza kwalokugula okubambe umfowabo, kodwa bebazi ukuthi uKristu wazibonakalisa ukuthi uyakwazi ukwelapha zonke izinhlobo zezifo. Bakholwa ukuthi uzozwelana nabo osizini lwabo; ngakho-ke abazange benza isicelo esiphuthumayo sobukhona Bakhe, kodwa bathumela umyalezo onethemba, 'Lo oMthandayo uyagula.' Babecabanga ukuthi uzosabela ngokushesha kumyalezo wabo, futhi abe nabo masinyane uma efike eBethaniya.

"Ekukhathazekeni babelindele izwi elivela kuJesu. Uma nje kusekhona inhlansi yempilo kumfowabo, babekhuleka futhi belindele uJesu ukuthi uyeza. Kepha isithunywa sabuya ngaphandle Kwakhe. Kodwa sabuya nomyalezo, 'Lokhu kugula akusikho okokufa.' Futhi banamathela ethembeni lokuthi uLazaru wayezophila ngesisa bazama ukukhuluma amazwi ethemba nakhuthazayo kumuntu ogulayo ongazi lutho."-*The Desire of Ages,* p. 525, 526.

**b. Chaza amazwi kaKristu nakwenzayo ezinsukwini ezilandelayo. Johane 11:5-8.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Phakathi kwezinsuku ezimbili uKristu wabonakala sengathi uwukhiphile engqondweni umyalezo; ngoba akazange akhulume ngoLazaru. Abafundi bacabanga ngoJohane uMbhapathizi, umanduleli kaJesu. Babemangele ukuthi kungani uJesu, enamandla okwenza izimangaliso, avumela uJohane ukuba adangale etilongweni, nokuthi afe ukufa kokubulawa. Enamandla anjalo, kungani uKristu angasindisanga ukuphila kukaJohane-na? Lombuzo wawuvame ukubuzwa abaFarisi, abawuletha njengempikiswano engenakuphendulwa maqondana nokuzisho kukaKristu ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu. UMsindisi waxwayisa abafundi Bakhe ngezilingo, ukulahlekelwa, nokushushiswa. Ingabe wayezobadela yini uma besezilingweni-na? Abanye bazibuza ukuthi ingabe benze iphutha ngomsebenzi Wakhe. Bonke babekhathazekile kakhulu.

"Abafundi bambuza ukuthi kungani uJesu eya eJudiya, Walinda izinsuku zombili. Kepha ukukhathazeka ngoKristu futhi kubo bekungaphezu kwezingqondo zabo. Babengaboni lutho ngaphandle kwengozi yendlela azoyilandela."-Ibid., pp. 526, 527.

**a. Yimuphi umyalezo ongaphelelwa isikhathi esingawuthola ngendlela uKristu asingatha ngayo ukulandelana kwezehlakalo eziphathelene nokugula kukaLazaru-na? Johane 11:9, 10.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Labo okungenzeka basizane noKristu, kodwa lowo odelele isithunywa nomyalezo waso, uzolahlekelwa umthelela wawo. Bazohamba ebumnyameni, bengazi nalokhu okubakhubayo. Abanjalo balungele izinkohliso zosuku lokugcina. Izingqondo zabo zigxile kwizintakazelelo ezincane, futhi balahlekelwa yithuba elibusisekile lokuthwala ijoka noKristu, futhi basebenza ndawonye noNkulunkulu."-*Fundamentals of Christians Education,* p. 471.

**b. Yisiphi isambulo esimangalisayo uJesu asinika abafundi Bakhe-kodwa bawachaza kanjani amazwi Akhe-na? Johane 11:11, 12.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Wakhuluma wathi lezinto: emva kwalokho wathi kubo, ULazaru umhlobo wethu ulele; kepha ngiyahamba ukuba ngimvuse ebuthongweni.' Anomhawu kanjani amazwi! Agcwele uzwelo kangakanani! Umcabango wengozi iNkosi yabo eyayizongena kuyo ngokuluya eJerusalema, abafundi base bekhohliwe umndeni oshonelwe eBethaniya. Kodwa kwakungenjalo kuKristu. Abafundi bazizwa bekhuzwa. Babedangele ngoba uKristu akazange wasabela ngokushesha kumyalezo. Balingeka ukucabanga ukuthi wayengenathando olumnene kuLazaru nabodadewabo ababecabanga ukuthi unalo, noma ngabe wabuyela emuva nesithunywa. Kodwa amazwi, 'Umhlobo wethu uLazaru ulele,' evuselela imizwa ezingqondweni zabo. Bazwisisa ukuthi uKristu akakhohlwanga ngomhlobo Wakhe ogulayo."-*The Desire of Ages*, p. 527.

**c. Chaza ukuthi amazwi kaKristu ayesho ukuthini ngempela. Johane 11:13, 14.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"UKristu ufanekisa ukufa njengokubuthongo kubantwana Bakhe abakholwayo. Ukuphila kwabo kufihleke ngoKristu kuNkulunkulu, futhi icilongo lokugcina lizozwakala labo abafayo bazolalela Kuye."-Ibid.

**a. Kungani uJesu wahlala wangaya eBethaniya ngisho nalapho esezwile ukuthi uLazaru ufile-na? Johane 11:15.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"Abafundi bamangala ngamazwi kaKristu uma ethi, 'ULazaru ufile. Futhi ngiyathokoza…ukuthi bengingekho lapho.' Ingabe uMsindisi wakhetha ukugwema ngoKwakhe ikhaya labangani Bakhe abahluphekile-na? Kwakungathi uMariya noMartha noLazaru ofayo babesele bodwa. Kodwa babengebodwa. UKristu wabheka sonke isehlakalo, futhi emva kokufa kukaLazaru abodadewabo abashonelwe baqiniswa ngomusa Wakhe. UJesu wafakazela usizi lwezinhliziyo zabo ezidabukile, lapho umfowabo elwa nesitha esinamandla, ngokufa. Wezwa iminjunju yosizi lwabo, njengoba athi kubafundi Bakhe, 'ULazaru ufile.' Kodwa uKristu wayengathandi kuphela abaseBethaniya njengoba kucatshangwa; wabaqeqesha abafundi ukuthi bakuqonde. Kwakufanele babe ngofakazi Bakhe emhlabeni, ukuze isibusiso sikaYise singabengamela bonke. Ngenxa yabo wavumela uLazaru ukuba afe. Uma ngabe wamelapha ukuba aphile, isimangaliso esingubufakazi obuqinisekile besimilo Sakhe esingcwele, ngabe singenziwanga."-*The Desire of Ages,* p. 528.

**b. Kuyini okufanele sikuqaphele ngendlela uMphulukisi Omkhulu avumela ngayo uLazaru, umngane Wakhe, ukuthi agule kangaka ekugcineni aze-afe ngempela-na? 1 Korinte 15:17-19; Amahubo 18:28.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"Umsebenzi [kaKristu] awuzange ugcine ngombukiso wamandla Akhe phezu kwezifo. Wenza umsebenzi ngamunye wokwelapha isikhathi sokutshala enhliziyweni izimiso ezingcwele zothando Lwakhe nomusa Wakhe."-*Counsels on Health,* p. 249.

"Uma uKristu ubesegumbini labagulayo, uLazaru ngabe engafanga; ngoba uSathane ubengeke abenamandla phezu kwakhe. Ukufa ngabe kungaqondisanga insutsha yayo kuLazaru ebukhoneni baLowo onika-Ukuphila. Ngakho-ke uKristu wahlala wangaya kuleyondawo. Wavumela isitha ukuba sisebenzise amandla aso, ukuze asibuyisele emuva, isitha esinqobile. Wavumela uLazaru ukudlula ngaphansi kombuso wokufa; nodadewabo abahlupheka ngokubona umfowabo elele ethuneni. UKristu ubazi ukuthi ngokubheka ubuso obufile bomfowabo ukukholwa kwabo kuMhlengi buzovivinywa kanzima. Kodwa ubazi ukuthi ngobunzima abadlula kubo manje ukukholwa kwabo kuzokhanyela phambili ngamandla amakhulu. Wahlupheka ngeminjunju yosizi abathe balubekezelela. Bekungasho ukuthi ubathanda kancane ngoba wephuza, kodwa ubazi ukuthi ngenxa yabo, nangenxa Yakhe, ngenxa yabafundi Bakhe, ukunqotshwa kwakufanele kuzuzwe."-*The Desire of Ages*, p. 528.

## 5. AKWENZEKI NGOKUBONA KWETHU — Ngolwesine, Nhlangulana 19

**a. Kuyini okufanele sikucabange njalo ngokufa kwezinceku zikaNkulunkulu ezithembekile, kungakhathaliseki ukuthi kwenzeke kanjani-na? Amahubo 116:15. Ysisho isibonelo.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Akuzange kunikezwe u-Elisha ukuthi alandele inkosi yakhe enqoleni evuthayo. Phezu kwakhe uNkulunkulu wavumela ukugula isikhathi eside. Phakathi kwamahora obuthakathaka komuntu nokuhlupheka ukholo lwakhe lwabambelela ezithembisweni zikaNkulunkulu, futhi wabona izithunywa zasezulwini zimzungeza ngenduduzo nokuthula….ukholo luthe lavuthwa lwaba yithemba elihlalayo kuNkulunkulu wakhe, nalapho ebizwa ukufa wayekulungele ukuphumula emsebenzini wonke wakhe."-*Prophets and Kings,* pp. 263, 264.

**b. Yiziphi izehlakalo ezenzeka eBethaniya ngaphambi kokufika kukaJesu-futhi obani abanye ababekhona uma efika-na? Johane 11:17-19.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Ngokwephuza ukuza kuLazaru, uKristu wayenenhloso yomusa maqondana nalabo abangakamamukeli. Walibala, ukuze ngokuvusa uLazaru kwabafileyo hleze anikeze labo abanenkani, abantu abangakholwa obunye ubufakazi bokuthi ngempela 'ungukuvuka, nokuphila.' Wayenengwa ukunikela lonke ithemba labantu, abampofu, imvu edukile yendlu yakwaIsrayeli. Inhliziyo Yakhe yadabuka ngenxa yokungazisoli kwabo. Ngomusa Wakhe wayehlose ukubanika obunye ubufakazi obubodwa bokuthi unguMbuyiseli, Lowo kuphela ongaletha ukuphila nokungafi ekukhanyeni. Lokhu kwakufanele kube ngubufakazi lobo abapristi abangeke bakuhlanekezela. Yiso isizathu sokulibala Kwakhe ukuya eBethaniya. Lesimangaliso sokugcina, sokuvuswa kukaLazaru, sasizobeka uphawu lukaNkulunkulu emsebenzini Wakhe futhi ngesimangalo sobungcwele Bakhe."-*The Desire of Ages,* p. 529.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Nhlangulana 20

1. **Ngobani ababengamalunga omndeni kaLazaru?**
2. **Kungani uJesu angazange ngokushesha avumelane nesicelo sabangane Bakhe-na?**
3. **Bazizwa kanjani abafundi ngesimo sokuziphatha kukaKrisu-na?**
4. **Ukufa kufanele kubhekwe kanjani yilabo abakholwa kuKristu?**
5. **Kungayiphi inhloso uKristu avumela uLazaru ukuba afe-na?**

**ISABATHA, NHLANGULANA 28, 2025** **ISIFUNDO 13**

# Ukuvuka Nokuphila

**IVESI LEKHANDA: "UJesu wathi kuye: Mina ngingukuvuka nokuphila; okholwa yimi noma efa, wophila" (Johane 11:25).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Selected Messages,* bk. 1, pp. 296-300.

"Kokholwayo, ukufa kuyindaba encane: UKristu ukhuluma ngakho njengento yomzuzwana….KumaKrestu, ukufa kungubuthongo, umzuzwana wokuthula nobumnyama. Ukuphila kufihliwe noKristu kuNkulunkulu."-*The Desire of Ages,* p. 787.

## 1. UJESU ESEBHETHANIYA — NgeSonto, Nhlangulana 22

**a. Lapho ezwa ukuthi uJesu uyeza eBethaniya, kuyini uMartha akwenza futhi ukuvuma okunjani akuqinisekisa-na? Johane 11:20-22.**

__________________________________________________________________________
__________________________________________________________________________

"Phakathi kwabangani abalilayo kwakukhona izihlobo zomndeni, abanye babo babephethe izikhundla zokuziphendulela eJerusalema. Phakathi kwalabo kwakukhona izitha ezibabayo zikaKristu. UKristu ubezazi izinhloso zabo, ngakho-ke akazange ngalesosikhathi azazise. Umyalezo wanikezwa uMartha ngokuthula okwenza abanye endlini bangamuzwa….

"UMartha washesha ukuhlangabeza uJesu, inhliziyo yakhe inyakaziswa imizwa ephikisanayo, ebusweni Bakhe obukhanyayo wafunda ubumnene obufanayo bothando olwalukhona ngezikhathi zonke. Ithemba lakhe Kuye lalunganqamukile, kodwa wacabanga ngomfowabo amthandayo, noJesu Naye ayemthanda. Ngosizi olugobhoza enhliziyweni yakhe ngoba uKristu engafikanga ngaphambili, kodwa ithemba lalikhona namanje lokuthi uzokwenza okuthize ukubaduduza, wayesethi, 'Nkosi, uma ubukhona, umnewethu nga engafanga.' Ngaphezu kwalokho, phakathi kwesiyaluyalu esenziwa ngabalilayo, odadewabo kaLazaru babephindaphinda lamazwi.

"Ngobuntu nobungcwele bomusa kaJesu wabheka usizi lwakhe, ubuso obuhluphekile. UMartha ubengazimisele ukulandisa okudlule; konke wakugcizelela ngamazwi aletha umunyu, 'Nkosi, uma ubukhona, umnewethu nga engafanga.' Kepha lapho ebheka ubuso obunothando, waphinda wathi, 'Kepha ngiyazi, nakalokhu, noma yini ongakucela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzakukunika khona."-*The Desire of Ages,* pp. 529, 530.

**a. Kuyini uJesu akuqinisekisa uMartha-na? Johane 11:23. Kuyini akuqonda ngalokhu-na? Johane 11:24.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"UJesu wakhuthaza ukholo lwakhe, ngokuthi, 'Umfowenu uzovuka futhi.' Impendulo Yakhe beyingaqondanga ukuvusa ithemba lwenguquko esheshayo. Wathwala imicabango kaMartha ngaphezu kokubuyiselwa komfowabo manje, futhi wabagxilisa ekuvukeni kwabalungileyo. Lokhu wakwenza ukuze abone ukuvuka kukaLazaru njengethemba lokufa kwabalungileyo, nesiqiniseko sokuthi kuzogcwaliseka ngamandla oMsindisi.

"UMartha waphendula, 'Ngiyazi ukuthi uyakuvuka ekuvukeni ngosuku lokugcina."-*The Desire of Ages,* pp. 530.

**b. Yimaphi amazwi uJesu awasho eqinisekisa ukukholwa kukaMartha-na? Johane 11:25; 1 Johane 5:12.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Esafuna ukunikeza isiqondiso sangempela sokholo lwakhe, uJesu wathi, 'Mina ngingukuvuka, nokuphila.' KuKristu kukhona ukuphila, kwangempela, okungabolekiwe, 'Onayo iNdodana unokuphila.' 1 Johane 5:12. Ubungcwele bukaKristu buyisiqiniseko sabakholwayo sokuphila okuphakade."-Ibid.

**c. Yisiphi isithembiso esiyisisekelo sethemba lethu ngale kwethuna, futhi ukuqiniseka kukaMartha kuhlobana kanjani nesimangaliso sikaKristu-na? Johane 5:26; 11:26, 27.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"UKristu lapha wabhekela phambili esikhathini sokubuya Kwakhe kwesibili. Lapho abangcwele abafileyo bezovuswa bengenakubola, futhi abalungile abaphilayo bazoguqulelwa ezulwini bengakubonanga ukufa. Isimangaliso uKristu ayezosenza, sokuvusa uLazaru kwabafileyo, sifanekisa ukuvuswa kwabo bonke abalungile abafileyo. Ngezwi Lakhe nangemisebenzi Yakhe uzisho ngoKwakhe ukuthi unguMqalisi wokuvuka. Yena ngoKwakhe maduze wayezofa esiphambanweni ephethe izihluthulelo zokufa, umnqobi wethuna, futhi wahlala ngakwesokudla Sakhe namandla okunikela ukuphila okuphakade."-Ibid.

**a. Chaza izenzo namazwi kaMariya agcwele usizi. Johane 11:28-32.**

______________________________________________________________________
______________________________________________________________________

**b. Lapho uJesu ebona uMariya namanye amaJuda ekhala, kuyini uJesu akwenza-futhi kungani-na? Johane 11:33-35.**

______________________________________________________________________
______________________________________________________________________

"'Lapho uJesu embona ekhala, nabaJuda abafika naye babekhala, wabubula emoyeni, wakhathazeka.' Wafunda izinhliziyo zabo bonke ababebuthene. Wabona ukuthi abaningi kubo, ababedlula njengombukiso wobuhlungu babezenzisa. Ubazi ukuthi abanye esixukwini, ababonakalisa ukudabuka babembuluza, kungekudala bazoceba ukumbulala, kungesikho kuphela ukwenza isimangaliso esinamandla, kodwa lowo ozovuswa ekufeni. UKristu ngabe wasusa izambatho zokudabuka kokuzenzisa. Kodwa wabamba intukuthelo Yakhe ekulungeni Kwakhe. Amazwi engabe ngeqiniso uwakhulumile, akawakhulumanga, ngenxa yalabo abaguqile ezinyaweni Zakhe besosizini, abakholwa Kuye ngeqiniso.

"Wathi kubo, nimbekephi-na? 'Bathi Kuye, Nkosi, woza ubone.' Bahamba bonke ukuya ethuneni. Bekuyisehlakalo esidabukisayo. ULazaru ubethandeka kakhulu, nodadewabo bamkhalela ngezinhliziyo ezibuhlungu, kuyilapho ababengabangane babo behlanganisa izinyembezi zabo nezabodadewabo kaLazaru abashonelwe. Ngokubona konke ukukhathazeka kwabantu, nangesimo sokuthi abangane Bakhe bangakhalela ofile lapho uMsindisi welizwe emi eduze-'UJesu wakhala izinyembezi.' Noma eyiNdodana kaNkulunkulu, nokho wathathela Kuye imvelo yomuntu, kodwa washukunyisa usizi lwabantu. Ubumnene Bakhe, inhliziyo enesihawu ivuswa kaningi uzwelo ngenxa yokuhlupheka. Ukhala nabakhalayo, futhi ajabule nabajabulayo."-*The Desire of Ages,* p. 533.

**c. Kungayiphi indlela lomzuzu wempilo kaJesu ungaba isibonelo kithi-na? Roma 12:15.**

______________________________________________________________________
______________________________________________________________________

"Isibonelo esimangalisayo sikaKristu, ubumnene obungenakufaniswa lobu abuhlanganisa nozwelo lwabanye, ukhala nabakhalayo, ajabule nabajabulayo, kufanele kube nomfutho ojulile phezu kwesimilo sabobonke abaMlandela ngobuqotho. Nangamazwi anozwelo nezenzo bazozama ukwenza indlela ibelula ezinyaweni zokhathele."-*The Ministry of Healing,* pp. 157, 158.

## 4. UKUBAMBISANA KUKANKULUNKULU NABANTU **Ngolwesithathu, Nhlangulana 25**

**a. Yiliphi izwi uJesu alinikeza labo abamzungezile-na? Johane 11:39 (isigaba sokuqala). Waphendula kanjani uMartha futhi uJesu wathini kuye-na? Johane 11:39 (isigaba sokugcina).**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Lapho iNkosi isizokwenza umsebenzi, uSathane washukumisa umuntu othile ukuba angavumi. 'Susani itshe,' kusho uJesu, ngokungokwenzeka, elungiselela indlela yomsebenzi Wakhe. Kepha imvelo enhle kaMartha nokuvelela kwakhe yazifakazela. Wayengafuni umzimba obolile ukuthi ugutshwe. Inhliziyo yomuntu kunzima ukuqonda amazwi kaKristu, nokholo lukaMartha lwalungaboni incazela yangempela yesithembiso Sakhe.

"UKristu wakhuza uMartha, kodwa amazwi Akhe akhulunywa ngesizotha esikhulu. UJesu wathi Kuye, angishongo yini kuwe ukuthi uma ukholwa, uzakubona inkazimulo kaNkulunkulu-na?' Kungani ungabaza maqondana namandla Ami-na? Kungani ucabanga ukumelana nokuzisho Kwami-na? Unezwi Lami. Uma ungakholwa kuphela, uzobona inkazimulo kaNkulunkulu. Izinto ezingenakwenzeka kumuntu angeke zavimbela umsebenzi kaSomandla. Ukungabaza nokungakholwa akukona ukuzithoba. Ukukholwa okulula emazwini kaKristu ukuzithoba kwangempela, ukuzinikela ngeqiniso.

"'Susani itshe.' UKristu ngabe wayaleza itshe ukuba lisuke, futhi ngabe itshe lalalela iZwi Lakhe. UJesu ngabe wamema izingelosi eziseduze Naye ukwenza lokho. Ekumemeni Kwakhe, izandla ezingabonwa ngabe zasusa itshe. Kodwa kwakufanele lisuswe izandla zomuntu. Kanjalo uKristu wabonisa ukuthi uluntu kufanele lusizane nobungcwele. Lokhu okungenziwa amandla omuntu amandla angcwele awamenywa ukuba asebenze. UNkulunkulu akaluchithi usizo lomuntu. Uyamqinisa, asizane naye njengoba esebenzisa amandla namakhono amuphe wona."-*The Desire of Ages,* p. 535.

**b. Yimaphi amazwi kaKristu akhuza ngobumnene ukungakholwa kwethu namuhla-na? Johane 11:40.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Abaningi abanalo ukholo oluphilayo. Yingakho bengaboni okuningi kwamandla kaNkulunkulu. Ubuthakathaka babo bungumphumela wokungakholwa kwabo….Bayaceba futhi bahlele, kodwa bakhuleka kancane, futhi abathembeli ngokuphelele kuNkulunkulu. Bacabanga ukuthi banokukholwa, kodwa ngumuzwa kuphela womzuzwana. Bayehluleka ukubona isidingo sabo, noma ukuzimisela kukaNkulunkulu ukubanika, ababekezeli ukugcina izicelo zabo phambi kukaJehova."-*Christ's Object Lessons,* pp. 145, 146.

## 5. UJESU UVUSA U-LAZARU — Ngolwesine, Nhlangulana 26

**a. Yimuphi umthandazo uJesu awenza phambi kwethuna-na? Johane 11:41, 42.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Umyalo uyalandelwa. Itshe ligiqiwe. Konke kwenziwe obala futhi ngamabomu. Bonke banikezwa ithuba lokubona ukuthi akukho ukukhohliswa okwenziwayo. Lapha kukhona umzimba kaLazaru ulele ethuneni elisedwaleni, ukufa okubandayo nokuthulile. Isikhalo sabalilayo sathuliswa. Bemangele futhi benethemba, isixuku sema sizungeze ithuna, silindele ukubona ukuthi kuyini okuzolandela….

"Lapha uKristu ubiza uNkulunkulu njengoBaba Wakhe, futhi ngesibindi esiphelele wamemezela ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu."-*The Desire of Ages,* pp. 535, 536.

**b. Yimaphi amazwi ashiwo uJesu avusa uLazaru-na? Johane 11:43. Kuyini okwenzeka ngokushesha-na? Johane 11:44.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Izwi likaKristu], lalicwebile futhi lihlaba, libhobhoza indlebe yofileyo. Lapho ekhuluma, ubungcwele bakhanya ebuntwini. Ebusweni Bakhe, ekhanyiswa yinkazimulo kaNkulunkulu, abantu babona ithemba lamandla Akhe. Iso ngalinye lalinamathele emnyango wethuna. Indlebe ngayinye ikhothamele ukubamba umsindo omncane. Ngamandla nangentakazelelo ebuhlungu bonke belindele ukuvivinywa kobungcwele bukaKristu, ubufakazi obubonakalayo bokuzisho Kwakhe ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, noma acime ithemba labo ingunaphakade.

"Kwabakhona ukunyakaza ethuneni elithulile, futhi lowo obefile wayemi ngasemnyango wethuna….Umuntu kufanele asebenzele umuntu. ULazaru ukhululiwe, futhi umi phambi kwesixuku, kungesiye onezifo ezichakile, nangezitho ezibuthakathaka, ezixekezelayo, kodwa njengomuntu osekuphileni okusha, futhi ngomzimba wendoda ehloniphekayo. Amehlo akhe agcwele ubuhlakani nothando loMsindisi wakhe. Waziphosa phansi ngomkhuleko ezinyaweni zikaJesu."-Ibid., p. 536.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Ndasa 27

1. **Chaza ukuqiniseka odadewabo kaLazaru ababenakho kuJesu.**
2. **Kuyini uJesu akuthembisa uMartha, uMariya, nakuwo wonke amakholwa-na?**
3. **Kungani uJesu wakhala-na?**
4. **Ubuntu basizana kanjani nobungcwele kulesimangaliso-na?**
5. **Chaza izenzo zikaLazaru ekusabeleni ubizo lukaJesu.**